# *Isineke*

Ngiyazibingelela lezizethameli ezinhle lapha kulobubusuku, Dadewethu Webster noMfowethu Green, nazo zonke izethameli, amalunga alelibandla. Kuhlala kuyinhlanhla njalo kimi ukuza endlini yeNkosi, futhi manjeke, kulobubusuku, ukubuya futhi kwelinye lamabandla eFoursquare aKhe.

2 Ngiyakhumbula, eminyakeni eyadlula, ngenkathi ngiqala ukufika eLos Angeles. Ngangizwile ngoDadewethu McPherson, kodwa wayesevele ekhwele ezitebhisini zegolide ngaphambi kokuba ngibe sendleleni. Futhi ngenkathi ngiya eLos Angeles okokuqala, ngenyukela eForest Lawn. Ngezwa ukuthi wembelwa enhla lapho, futhi ngenyuka ngase ngima ngasethuneni lakhe, ngase ngikhothamisa ikhanda lami ngase ngibonga uNkulunkulu ngempilo enesithunzi. Kusukela ngaleyonkathi, ngiyibonile isayini yeFoursquare cishe kuzo zonke izizwe engenze kuzo ubuthunywa benkolo. Ngike ngaba nenhlanhla yokuba sethempelini, ngilinde egumbini lakhe lokulindela. Ngaphambi kokuba aye epulpiti, wayenegumbi lapho. Futhi ngike ngahlala lapho, ubusuku obuningi, ngisakhuluma ethempelini, futhi ngicabanga ngamahora angahle ukuba wayedlinza ngawo ngaphambi kokungena epulpiti, ubungcwele bokuvula iZwi likaNkulunkulu. Ukuba lapha, kulobubusuku, nabanye babalandeli ozama ukugcina lowomlayezo uphila: UNkulunkulu abe nani, busiswani.

3 Bese kuthi-ke ukubuya noMfowethu Green, oligugu, umngani othandekayo, uMfowethu noDadewethu Green. Futhi ngenkathi ngiphandle lapho, esikhashaneni esedlule, futhi ngahlangana naye, ngi—ngimtshelile ukuthi ngawujabulela kanjani lowomlayezo eculweni, ngoluny'usuku, lelo enhla lapho kosomabhizinisi, ngokuthi, *IGama LikaJesu*, noma into ethize, alibiza ngayo. Abakalirekhodi okwamanje. Ngamtshela, "Mangibe ngumthengi wokuqala," kwaba njalo, iculo elimnandi kanje.

4 Futhi ngicabange ukuthi bangahle bangiculele kulobubusuku uma sengehlile, futhi—futhi umkami nabantwana basemuva lapho ukuba balilalele. Futhi ngiqinisekile ukuthi balithokozele nabo. Nephimbo lakhe ali. . . Lijwayeleke ngempela ngasendaweni yakithi. Nginokuningi kokuqopha kwakhe. Uma ngizizwa ngikabi kabi, ngiyangena, nginenye yalezozidlali-marekhode, futhi ngibeka yonke inqwatshana yamarekhode akhe, futhi nje ngihlale ngiqhiyame bese ngiwalalela. Ngifuna ukusho kunkosikazi emuva lapho, nginamanye nje amaningi awo. Ngiwajabulela ngempela. A. . . Ayisikhoselo sokuphumula, ukuzwa nje lawomaculo

eVangeli, ukwazi ukuthi aculwa engaveli ephimbweni elithize eliqeqeshwe ngokomshini, kodwa avela enhliziyweni yomKristu wangempela.

5 Ungitshele ukuthi ubenamanye phandle lapho namanje kulobubusuku. Ngifuna umkami, nabo, balibhekisise, ukubona ukuthi ngabe usenawo yini phandle lapho, asinawo, futhi qinisekani ukuwacosha. Ngicabanga ukuthi banawo phandle egumeni. Futhi ba . . .

6 Niyazi, into esemqoka, njengengiyicabanga ngokucula, ngiyawathanda lawa. Ngiyawathanda amaphimbo aqeqeshiwe, kodwa angilithandi iphimbo eliqeqeshwe kwaze kweqa. Bese-ke nje ubona ukuthi uwubamba kangakanani umoya wakho, uze ube luhlaza sasibhakabhaka ebusweni, futhi awusho lutho empeleni. Kodwa ngithanda ukucula okumnandi kwephentekoste okudala, lapho nje ovele uvule bese ucula. Ngi—ngiyakuthanda lokho. NoMfowethu Green unakho lokho, yena noDadewethu Green. Futhi ngakho-ke siyazi ukuthi lokho kwesekelwa yilamakhwaya, kanjalonjalo. Futhi kuhle kakhulu ukwazi lokho, lezizinto, singazibamba.

7 Manje, uMfowethu—Mfowethu Green nami saqala ukubonana, ngiyakholwa, lokho engingacabanga ngakho, ngikholwa ukuthi kwakuseKansas City, ngenkathi sasivame ukuba nezingqungquthela phandle lapho. Ukuthi ngangivame kanjani ukuhlela . . . Bathi, "Awu, akukabi siso isikhathi sokuza okwamanje." Kodwa ngangilinda phandle emotweni yami, futhi ngangifuna ukuqiniseka ukuthi ngiyakuzwa lokho kucula, ngenkathi yena—yena nodadewethu babecula.

8 Ngakho ngamtshela phandle lapho, ngathi, "Ngiyethemba, ukuthi, ngezinye zalezizinsuku uma sengiwela umfula . . . "

9 Ngiyakuthanda ukucula, kahle kakhulu! Futhi a—angikwazi nje ukucula. Yilokho kuphela. Bengihlala njalo ngikufuna ukucula, futhi nje angi—ngikwazi ukukwenza. Futhi ngangivamise ukuzama ukucula iculo ebandleni, "Umhlangano owenziwe ifeshini endala endaweni eyenziwe ifeshini endala." Ngangilona ngilone. Ngangibamba umkami nje ngesandla uma sengifike ekhaya, ngithi, "S'thandwa, angisophinde ngilizame, ngakho ngisize." Ngivele nje ngithole i . . . wonk'omuny'umuntu avele oneke oneke.

10 Kodwa ngolunye lwalezizinsuku ngizocula. Futhi bengicabanga njalo, mhlawumbe ngale emmangweni, lapho u—umfula wokuPhila ugeleza uhambe ngaseSihlalweni sobukhosi; lapho lelokhwaya elikhulu labo bonke abahlengiwe, lawomaphimbo amakhulu ayoba kulowommango, ecula. Ngithemba ukuthi kunesihlahla esincane somthunzi ngale kwelinye icala. Nifuna ukungibona, wozani ngapho nje. Ngiyobe ngihlezi lapho, ngibalalele.

11 Kodwa manje-ke uma senifika ngale esigodlweni senu, ngokuny'ukusa, futhi niphumele egosini lesigodlo senu; futhi ezansi le ndawondawo, ezansi lapho emahlathini, kukhona indlwana encane eyakhiwe ndawondawo. Ngiyo . . . Uphumele egosini lakho futhi uzwe omunye ecula, "Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka." Uthi, "O, uMfowethu Branham uphumelele, ngoba nango lapho ekhona. Ekugcineni u—uze wafika lapho." Ngakho ngiyokwazi ukucula ngaleyonkathi. Kuze kube yileyonkathi ngifanele nje ngenze umsindo ojabulisayo eNkosini.

12 Asijabuli na? Asinanto esingakhathazeka ngayo, akukhonto. Sibambelelise okwehange kuKristu, sihlezi ezindaweni zaseZulwini, sibanjwe emseni woHlwitho khona manje, sihlezi eBukhoneni baKhe ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. Ukufa qobo lwakho ngeke kwasithinta. Sisuke sabambelelisa okwehange, akukho okungasikhathaza, nje siphephe kalula futhi silinde ukuFika kwaKhe. Futhi sinokubonga ngalokhu.

13 Manje, nginamamayela cishe ayikhulu namashumi amahlanu engizowashayela kulobubusuku, nasemva kwenkonzo. Nanesixuku esihle esinjengalesi, futhi kungithatha isikhathi eside ukuba ngithole ukuthi ngiqale, bese kuthike kube kude ngokuphindwe kabili ukuba ngithole ukuthi ngiyeke. Futhi ngakho ngizozama ukungena ngqo ukuba ngisho engihlose ukukusho, ngokukhulu ukushesha okunokwenzeka. Ngifuna ukubonga umelusi, esihlangene nabo nabo bonke, ngalelithuba lokuza lapha, ukunikeza ubufakazi bami bomusa waKhe kulobubusuku, kulelibandla elikahle.

14 Ngakhwela, esikhathini esithize esedlule, phezulu eSouth Mountain, ngabuka phansi esigodini. Ngacabanga cishe ngeminyaka engamashumi amathathu-nanhlanu eyadlula ngenkathi ngiqala ukungena kulesisigodi. Ukuthi lelidolobha selikhule kanjani, nje selivele nje landa kuyoyonke iMaricopa Valley lapha. Nje kude njengalapho ongabona khona, yidolobha. Bengihlezi lapho nomkami, ngase ngithi, "Uyazi, s'thandwa, mhlampe cishe eminyakeni engamakhulu amathathu eyadlula, kwakungekho lutho olwaluncintisana konke lapha kodwa amankentshane amakoyote nezingulube amajavelina, nokunye nokunye, ukuzungeza lonke izwe. Kwase kuthi-ke kwangena umuntu futhi uqala ukwakha. Kwase kuthi impucuko iqala ukwanda. Kwase kuthi isono nodlame kwangena."

15 Ngacabanga, "Lena kungeke yini kwaba indawo esiyisimanga na?" Bengihlala njalo ngicabanga ngoluny'usuku ngiyothanda ukuhlala ePhoenix. Futhi manje-ke ngi . . . buka phezu kwesigodi, bengingacishe impela, enhliziyweni yami, kuthi angikhale izinyembezi, ukuthi lokho kwakuyoba yindawo enhle kanjani ukuba yayilapha ingenasono.

16 Ukuthi nje baluthathe kanjani ugwadule futhi baluphendula lwaba yi—yizikwata zokuhlala! Namhlanje besigibele senyuka sijikeleza enhlokweni yeCamelback, amakhaya amahle phezulu lapho, cishe impela kube sengathi ungena eparadisi. Futhi manje-ke bekuyoba kuhle, kodwa isono silapha ndawo zonke: amajoyinti ewiski, ukungabi nasimilo, nje yonke into engalungile, lonke uhlobo lwamasu, nezicupho zesitha, ukucupha imiphefumulo yabantu.

Umkami uthe, "Pho kungani ulapha, Billy na?"

17 Ngathi, "S'thandwa, kumnyama. Kodwa, uyazi, kukhona, kubo bonke lobo bumnyama phansi lapho, kunezindawana zokuKhanya. Lowo ngokhethwe nguNkulunkulu. Futhi ngilapha ukubeka ihlombe lami nelabo, ngibeke inhliziyo yami neyabo, iphimbo lami nelabo, futhi ngimemeze ngimelane nobumnyama."

18 Yingakho ngilapha ePhoenix futhi. Kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angasisiza. Futhi emva kokuba ubusuku sebedlulile, nomhlangano wethu omncane owedlula edolobheni, sisuka ebandleni siya ebandleni, phakathi kwawo onke amahlelo eVangeli eligcwele. Futhi waphethela engqungqutheleni yosomabhizinisi ngale eRamada. Ngithemba ukuthi sizoshiya umaka konke lapha, ozochaza ukuthi ekuKhanyeni okuncane okusatshalalisiwe, ukuthi imiphefumulo eminingi izothola uKristu, abantu abaningi abagulayo bokukholwa bazophiliswa. Sesivele siqala ukubona, kukhombisa imiphumela.

19 Futhi ngiyethemba, kulobubusuku, uma kukhona omunye ozongena lapha kulobubusuku, phansi kwalokhu ukunakekela ko—kompheme walendawo, ukuthi into ethize izoshiwo eculweni, ebufakazini, noma ekufundweni kweZwi, noma entweni ethize, ezokubangela ukuba uphume emnyango usungumuntu ohlukile kunoma ungena. Kusisize sonke ukuba sikwenze.

20 Futhi manje ngaphambi kokuba sisondele eZwini, asisondele kuMqalisi ngendlela yomkhuleko. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Namakhanda ethu nezinhliziyo zethu kukhotheme phambi kukaNkulunkulu, singabakhona yini isicelo phakathi kwabantu kulobubusuku, ukuthi unento ethize ekhethekile ongathanda ukucela iNkosi ukuba ikusize kuyo na? Phakamisa isandla sakho nje. Futhi phansi le enhliziyweni yakho, uthi, "Nkosi, Uyazi ukuthi iyini." Ngiyabonga. UNkulunkulu anibusise.

21 Baba wethu waseZulwini, siza manje ngaleloGama elenele konke, iNkosi uJesu, sazi lokhu ukuthi Wethembisa, "Uma nicela kuBaba noma yini eGameni laMi, niyophiwa khona." Siyeza, kuqala, ukuvuma ukuthi sidukile. Senze okungalungile. Futhi akukho namunye wethu olungileyo, akukho namunye. Futhi

sizela ukuvuma izono zethu, eGameni leNkosi uJesu. Sicela ukuxolelwa.

22 Futhi Wena uzibonile izandla zabantu, esiphakanyisiwe kulobubusuku, futhi Uyazi ukuthi yini ebiphansi kwalesosandla, ukuthi bebedingani. Futhi nginikela umkhuleko wami kanye nowabo, siwubeka phezu kwealtare laKho, futhi sicela isihawu, ukuthi Wena, Nkosi, uzopha isihawu, futhi uzophendula zonke izicelo.

23 Sifuna ukuKubonga ngalelibandla, ngabelusi balo, nangalo lonke uquqaba, nabo bonke abadikoni nabaphatheli, nawo wonke ozayo. Babusise, Nkosi. Futhi siyazi ukuthi imihlangano yethu nokuza ndawonye bekuzoba yize ngakho konke, ukuba Ubungahlangananga nathi.

24 Ngakho siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi sesinesiqiniseko manje ukuthi Unathi. Qhubeka, O Nkosi, ukuba ube nathi ubusuku bonke. Sisize. Uma lapho, ngandlela thize, kungaba ilabo abangene bevela estradini, noma ezintangweni nangezindlela zezwe, obekukhona, empilweni yabo, benganaki ngakuWe, kwangathi lobu kungaba ngubusuku abazothi ngakho konke okwenele “yebo” kuNkulunkulu, futhi bazinikele, bazinikele kuJesu Kristu.

25 Uma bekhona abagulayo phakathi kwethu, Nkosi, Wena uyiNyanga enkulu Engakaze ilahlekelwe udaba.

26 Sicabanga ngosuku esiphila kulo, lapho ukugula nobumnyama obuyisigayegaye busibekela umhlaba. Kodwa siyacabanga futhi ukuthi ngenkathi Uhola abantu baKho, uMose wabakhipha e—eGibhithe, ebayisa ezweni elithenjisiwe, futhi kwehle njalo ngohambo lweminyaka engashumi amane. Futhi ngenkathi bengena ezweni elithenjisiwe kwakungekho noyedwa obuthakathaka phakathi kwabo.

27 Zingaki izinyanga kulobubusuku ebezingathanda ukubheka phakathi esithakweni somuthi nokusetshenziswa kwawo uMose ayenaso, esagcina bonke labobantu bephilile iminyaka emide engamashumi amane. Futhi, nokho, Awusifihlanga. Usenze saziwa kithi sonke, futhi silotshiwe lapha emakhasini, kalula kabi. “NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zenu.” Kwangathi singakuqonda lokho kulobubusuku, Nkosi, abagulayo nabadingayo, futhi sazi ukuthi akukho-sifo kodwa ukuthi Uyikhambi laso, iselapho esiphindwe kabili.

28 Busisa ukufundwa kweZwi laKho. Futhi kwangathi izinhliziyo zethu manje zingehlela ebumqokeni bomhlangano. Kusukela ezinhliziyweni zethu zigcwaliswa ngokujabula phezu kokuculwa kweVangeli, nezimfakazo, kanjalonjalo, sinokubonga kakhulu nje. Manje kwangathi singezwa iZwi laKho. Futhi khuluma kithi, Baba, futhi ubusise lamanothi ambalwa alungiselelwe ikusihlwa, ngokuba sikucela eGameni laKhe nangenkazimulo yaKhe. Amen.

29 Kunabantu abaningi abathi, beza enkonzweni, othanda njalo ukumaka phansi okuzoshiwo ngumfundisi, noma afunde emBhalweni. Futhi uma wenza lokho, ngifuna uphenye nami kulobubusuku ukufundwa okuncane nje okutholakala ngale eNcwadini yeVangeli likaMathewu oNgcwele, isahluko 15, ivesi 21 kuya kwelama 28. Ngithanda ukufunda lokhu.

> *UJesu ephuma lapho, wamuka waya emaphandleni laseThire laseSidoni—Sidoni.*
>
> *Futhi, bheka, kwavela emikhawulweni yakhona owesifazane waseKhanani, wakhala wathi kuye,. . . Ngihawukele, O Nkosi, ndodana kaDavide; indodakazi yami ikhwelwe kabi udeveli.*
>
> *Kepha akamphendulanga ngazwi. Base besondela kuye abafundi bakhe bamncenga bathi, Mmukise; ngokuba uyakhala emva kwethu.*
>
> *Kodwa waphendula wathi, Angithunyelwanga kwabanye kuphela kodwa ezimvini ezilahlekileyo zendlu yakwaIsrayeli.*
>
> *Kepha wayeseza wakhuleka kuye, wathi, Nkosi, ngisize.*
>
> *Kodwa waphendula* wathi*, Akukuhle kimi ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjaneni.*
>
> *. . .wathi, Qiniso, Nkosi: kepha nezinjana zidla . . . imvuthuluka ewa etafuleni labaninizo.*
>
> *Khona uJesu waphendula wayesethi kuye, O mame, kukhulu ukukholwa kwakho: makube-kuwe njengokuthanda kwakho. Nendodakazi yakhe yasinda kusukela kulesosikhathi.*

30 Ukuba lokhu bengingakubiza ngendikimba, ngithanda ukukhuluma umzuzwana nje, noma imizuzu embalwa, njalo, phezu kwendaba ethi: *Isineke*.

31 Ngicabangile, ngokuthi uNkk. McPherson nebandla ubehlala njalo ekumele ngobukhulu ubuqhawe ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, futhi singelishumayele iVangeli eligcwele singakushumayelanga ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, ngoba kuyingxenye yeVangeli.

32 Ngiyakhumbula, ngisengumfanyana, ngifunda udatshana kwelinye lamaphephabhuku, i*Life* noma i*Look*, noma amanye alawomaphephabhuku. Ngangisengumfana osemncane nje. Ngabo belulaza uNkk. McPherson, kokushumayela ukuphilisa kukaNkulunkulu, futhi bathi wayene—neqhinga ayelenza. Bathi, "Abesifazane ababenezifo zokuvuvuka komphimbo; wayebeka uphini phansi komunwe wakhe, nabesifazane babeke ibhelunde phansi kwengubo yakhe. Bese-ke uNkk. McPherson abeke izandla phezu kowesifazane, anamathelise uphini e—ebhelundeni, bese ubohlisa ibhelunda.

33 Ngangiyisoni, kodwa nganginomuzwa ongcono kunalokho, ukucabanga into enjengaleyo. Uma uphini wawunamatheliswa ebhelundeni, lalingaqhuma. Ngakho ngathi, "Akungabazeki ukuthi lowo wesifazane uhlushwa ngukuhlushwa." Futhi manjeke, selokhu ngibe yisisebenzi sesivini, ngiyakuqonda ayefanele akumele. Ukumela amaqiniso, uzondwa njalo yisitha.

34 Igama elithi *ukuba nesineke* lichaza ukuba, ngiyacabanga, ngokukaWebster, "ngophikelelayo." Ukuba *ngonesineke,* "ukuphikelela ekwenzeni umgomo." Futhi wonke umuntu emhlabeni, noma oke waze waba semhlabeni, osewake wazuza ngempumelelo noma yini, wayene . . . okufika kunoma yini, wadingeka abe ngonesineke. Ufanele uqiniseke, kuqala, lokho onakho ukukholwa kwakho okubambelelise okwehange phakathi kukho.

35 Manje, ukukholwa akusiyo nje into ehamb'intantiswa kalula kangako, nolunye uhlobo lwe . . . esingakubiza ngokuthi, ngesisho sasemgwaqeni, inkohliso. Ukukholwa kungaba kuphela nendawo yakho—yakho eyiyonayona uma kubekwa phezu kwento ethize ebambelele.

36 Uma ngikutshele ukuba uphume bese ubeka isandla sakho phezu kwalesosihlahla bese uphiliswa, ubungakungabaza lokho. Ngakho-ke, ngani? Asinasendlalelo kunoma yini. Ubuyoba nezwi lami kuphela. Futhi uma ngikutshele ukuthi ukugeza emanzini athize phandle lapha e—sigodini bekungaletha ukuphiliswa kuwe, bekuyoncika ekutheni lingakanani ithemba obunalo kimi.

37 "Nokukholwa kuvela ngokuzwa." Ukuzwa ini na? "IZwi likaNkulunkulu."

38 Ngakho-ke, uma *Leli* liyiZwi likaNkulunkulu, futhi Liyilo, Elikufundisayo singaphumula phezu kwaKho. UNkulunkulu angeguquke. UNkulunkulu ufanele njalonjalo ahlale enguNkulunkulu. IZwi laKhe lifanele nje libeyiqiniso impela kulomnyaka njengoba lalilokhu linjalo kunayimuphi umnyaka.

39 Manje, thina singabanesiphelo. Singasho into ethize kulonyaka, futhi mhlawumbe ngisho nakusasa sidingeke ukuba siyishintshe. Ngoba, asiqinisekile kakhulu, ngoba singabanesiphelo. Siyahlawumpelisa nje. Futhi *ukuhlawumpelisa* kusho "ukulinga ngaphandle kwegunya."

40 Kodwa nxa uNkulunkulu esho noma yini, iphelele. Akadingi ukuba ayishintshe. "UAbrahama akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa; kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo, ngoba wayazi ukuthi Wayenamandla ukwenza, noma ukugcina, noma ukwenza lokho Ayekwethembisile." Manje-ke, uma uNkulunkulu eke abizelwe enkundleni ngesinqumo, nesinqumo uNkulunkulu asenzayo, kuqala, sizofanele sihlale sifana kuze kube

phakade. Singeke saguqulwa neze. Singeke sashintshwa, ngoba Ungongenasiphelo. Futhi noma yini engenasiphelo ayikaze ibe nesiqalo noma isiphelo. Ngakho Angesihoxise ngonyaka ozayo, futhi athi, "Benginephutha."

41 Futhi manje-ke uma leso kwakuyisinqumo saKhe, manje-ke wonk'umuntu owenza lokho okufanayo, ufika kulesosinqumo esifanayo uNkulunkulu asenzela umuntu oyedwa phezu kwezisekelo zokukholwa kwakhe, ukusikholwa, Uzofanele ahlangabezane naleyonto efanayo ngaso sonke isikhathi umuntu asikholwayo. UNkulunkulu uzofanele enze, ngaso sonke isikhathi, indlela Enza ngayo okokuqala, kungenjalo Wenza ngokungesikho okokuqala. Futhi ubani ongabeka uNkulunkulu icala ngokwenza okungalungile na? UNkulunkulu uzofanele ahlale njalo njalo nesinqumo saKhe.

42 "Uma ukholwa!" Manje, ukuzuza ngempumelelo noma yini, ufanele ubeke umgomo futhi uthi, "*Lokhu* ngiyakukholwa," bese uzibophela kukho, bese ulokhu udonsa, wenyuka usondela kakhulu kukho, wazi ukuthi une...kulapho, wazi ukuthi kunento ethize lapho oza kuyo.

43 Njengoba kwashiwo, umfanyana enekhayithi, ebambe intambo ngesandla sakhe. Yathi, indoda yathi, "Ubambeni, ndodana?"

Wathi, "Ikhayithi lami."

Yathi, "Angiboni lutho kodwa intambo."

Wathi, "Kodwa kunekhayithi ekugcineni kwayo."

Indoda yabheka phezulu, yathi, "Angiliboni ikhayithi."

Umfanyana wathi, "Nami angiliboni."

Yathi, "Awu, wazi ngani ukuthi unekhayithi?"

Wathi, "Ngiyalizwa lidluthula ekugcineni."

44 Awu, yileyondlela ukukholwa okuyiyo. "Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo." Inqobo nje uma ubeka ukukholwa kwakho phezu kwakho, bese kuthi-ke ubambelelise okwehange kukho, uza kukho. Akunendaba noma ungenakukubona, noma qhabo, uyazi ukuthi kulapho noma kanjani. Udluthula kukho, futhi kuyakudonsa. Futhi noma yimuphi umuntu oseke wenza noma yini enosizo, ubeke umgomo, wayese-ke eba ngophikelelayo, eba ngonesineke, ukwenza lokho: amadoda amakhulu.

45 UGeorge Washington, "ubaba wesizwe sakithi," ubizwa kanjalo, ngenkathi efika eValley Forge. Emva kobusuku bonke esemkhulekweni, waze wamatiswa yiqhwa, lenyukela ngaphezu kwezinqulu zakhe, eguqe eqhweni, ngokusa okulandelayo wawela iDelaware, egcwele uayisi. Ngani na? Wayengonesineke. Wayenempendulo. Akukho lutho oluzoma endleleni yakhe. Nakuba ibusket ezintatha noma ezine...izinhlamvu zesibhamu

imasketi zabhobokela ebhantshini lakhe, kodwa ayizange imlimaze. Uzama . . . Wayefuna ukuzuza ngempumelelo into ethize, futhi wayekhuleke waqeda ngayo, futhi wayengonesike. Akukho lutho olwama endleleni yakhe.

46 Wawungathini nje uNowa ngezinsuku zakhe, wayenokuba nesineke kanjani uNowa? Manje, wayengumlimi nje.

47 Futhi babephila osukwini olukhulu locwaningo lwezesayense, mhlampe, kunoma sinalo namhlanje, ngoba ngalezozinsuku babakha izivivane. Futhi uma noma yimuphi wenu eke waba nenhlanhla yokuba sesivivaneni esikhulu saseGibhithe futhi ebona iKhanda elikhulu eliqoshiwe lebhubesi nokunye nokunye, ngani, kuyamangalisa ukubona. Ukuthi baze bawakhuphula kanjani lawomatshekazi lapho emoyeni, cishe impela usayizi ongangendlu yasedolobheni ukuphakama, ayesinda izinkulungwane zamatani! Namhlanje singeke saphinda sikuveze. Asiqondi. Babenento ethize.

48 Babenodayi. Babenento ababekwazi ukugqumisa ngayo umzimba, eyayingawenza ubukeke ungowemvelo impela izinkulungwane zeminyaka. Asinabo lobobungcweti, ukwenza imibala, kanjalonjalo, ababenakho; umnyaka omkhulu wesayense.

49 Kodwa ngoluny'usuku, uNowa esephandle e—ensimini, mhlawumbe elungisa ukudla kwakhe okusanhlamvu, uNkulunkulu wabonakala kuye wayesemtshela, "Lungiselela ukusindiswa kwabendlu yakho, futhi wakhe umkhumbi. Futhi lizokuna."

50 Manje, sonke siyakwazi lokho, izwe lamandulo ngaphambi kukazamcolo, lalingakaze line. Futhi manje, lokho akubambisananga nezincitha-buchopho zesayense yalolosuku. Umlayezo wakhe wawuphambene. Akungabazeki ukuthi ososayense abahlakaniphile babengeza kuye futhi bathi, "Manje, buka lapha, Mnu. Nowa. Manje sinamathuluzi okusebenza esingashutha ngawo inyanga, futhi singenza zonke lezizicwaningo zesayense. Futhi akukho-manzi phezulu lapho. Futhi azokwehla kanjani amanzi evela lapho, kube kungekho-manzi phezulu lapho ukuba ehle na? Unobulima. Wenza into okungekho lutho kuyo. Akukho-manzi phezulu lapho."

51 Kodwa uNowa wayengathi, "UNkulunkulu uthe lizokuna, nalokho kuyakuxazulula. UNkulunkulu washo njalo." Iminyaka eyikhulu namashumi amabili, wayengonesineke ebusweni bezwe lesayense yosuku lwakhe, esalokhu ezisho ukuthi umlayezo wakhe wawuqinisile ngoba uvela kuNkulunkulu. Wayenomgomo wokuba awenze. Wayenomlayezo ukuba awunakekele, futhi wayengonesineke ekwenzeni kanjalo. Akunandaba ukuthi lonke izwe lalitheni, uNowa wezwa kuNkulunkulu. Yilokho kuphela okwakunendaba kuye. Wayezwe iPhimbo. Wayeqinisekile

ukuthi kwakunguNkulunkulu, futhi wayelungiselela into ethize eyayibonakala ingubuphukuphuku impela ezweni. Kodwa, nokho, uNowa wayazi ukuthi uNkulunkulu wayezoligcina iZwi laKhe.

52 Akufanele yini lokho kube yisifundo sethu namhlanje, ihora na? Njengoba uJesu athi, “Njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Umlayezo ongubuphukuphuku, ezweni. Abawuqondi. Kodwa nokho labo abaxhumana noMoya oNgcwele, uyazi ukuthi Uzobuya futhi.

53 Sengiyababona abantu lapho bemdabukela uNowa omdala bandla, ngokuthi kungakanani ukuzithokozisa ayephunyukwa yikho, nokwezwe nezinto eqhubekayo. Kodwa uNowa, elokhu engonesineke, wabambelela ngqo.

54 Ngoluny’usuku uNkulunkulu wathi kuNowa, “Kulungile, usuyenzile ingxenye yakho manje. Manje ngena emkhunjini, wena nabendlu yakho.” Ne. . . Waqaphela i—izinyoni ziqala ukundiza zingene, ne—nezilwane ziqala ukungena, ngambili-ngambili. UNowa nomndeni wakhe wangena.

55 Futhi njalo kunamakholwa athiyeka emngceleni, ngiwabiza kanjalo; abantu abayoza esontweni, bayowujabulela umlayezo mhlawumbe kusukela ekhwayeni noma kusukela kubaculi, kusukela kumfundisi, noma ubufakazi. Bayokujabulela, kodwa, ukungena futhi babe yingxenye yakho, nje abayikukwenza. Bayathanda ukulalela, kodwa abayikuba yingxenye yakho. Abafuni ukubandakanywa nabo. Bafuna ukuqhelela eceleni. Lokho bekuhlala kunjalo, futhi akungabazeki babekhona ngalolosuku.

56 Manje-ke ngenkathi umnyango womkhumbi uvalwa, abaningi balabobantu bathi, “Awu, asenyuke futhi sime ngakhona, manje, uma kufezeka lokho, isibonelo nje, ikhehla laliqinisile. Sonke sathi ukucabanga ukuthi umfo omdala wayethe ukungasi kancanyana, kodwa nga—nga—ngakujabulela ukumlalela eshumayela, emi lapho emnyango. Futhi manje siyazi ukuthi into ethize ivale lowomnyango. Manje, yikhehla elilungileyo. Futhi uma bekungenzeka kube njalo, amanzi ehle phezulu lapho, ngani, ngani, belingasingenisa.” Niyabo, anifuni ukwethemba . . .

57 Anifuni ukufaka ubunzima ekulungeni kukaNkulunkulu. Nifuna ukuqiniseka ukuthi niyangena nisenethuba lokungena.

58 Manje-ke, into yokuqala niyazi, usuku lokuqala. Bukani ukuthi uNkulunkulu ububeka kanjani ubunzima kubantu baKhe, ngesiny’isikhathi. Sengathi ngiyabona, usuku lokuqala, uNowa wathi emndenini wakhe, “Kulungile, manje sizokhwela siye esitezi. Manje, ekuseni, izibhakabhaka zizoba mnyama. Sasingakaze sibe mnyama ngaphambili. Asikaze sisibone. Imvula izokuna. Umbani uzoshwibeka unqamula

ezibhakabhakeni." Nangokusa okulandelayo nanti ilanga liphuma. Akukho sayini. Usuku lonke gulukunqu, uNowa nomndeni wakhe babuka. Awu, izinto zaqhubeka ngayo nje indlela ezenza ngayo.

59 Sengathi ngiyawabona amakholwa athiyeka emngceleni athi, "Awu, umfo omdala wayenephutha." Beqhubeka babuyela ezansi nedolobha, bedla, bephuza, futhi benama.

60 Sengathi ngiyabona, umndeni wakhe, kufanele ukuthi kwaba ngubunzima obukhulu endodeni. Kodwa akayekanga futhi aqale ukungqongqotha emnyango, futhi ethi, "Bantu, jeqezani umnyango uvuleke. Benginephutha." Ngani na? Wayazi ukuthi wayeneqiniso, futhi wabambelela kulo.

61 "Uma linganganga namhlanje, lizokuna kusasa." Yilokho-ke. Kulungile.

62 Kwase-ke kufika usuku lwesibili, futhi siqaphela ilanga liphuma. Lanqamula njengoba nje lalenza nsuku zonke. Akukho sayini yemvula. Wayesalokhu engonesineke. Kwaqhubekela ezinsukwini eziyisikhombisa, uNowa wayehlezi khona lapho, wathi, "Uma linganganga namhlanje, lizona kusasa." Niyabo, wayebambelelise okwehange. Wayephikelela, enesineke, ngoba wayazi ukuthi uNkulunkulu washo njalo, futhi kwakufanele kube ngaleyondlela.

63 Manje, ekugcineni, ngosuku lwesikhombisa, ngenkathi ebuka phandle efasteleni, izibhakabhaka zase ziba mnyama. Umoya wawuvunguza emagqumeni. Izihlahla zazigoba. Abantu babedazuluka, bengazi ukuthi bazokwenzenjani. Futhi emva kwesikhathi, amathonsi amakhulukazi emvula aqala ukubhidlika okokuqala, eshaya phezu kwemigwaqo. Amapayipi endle agcwala swi. Zonke iziphethu zavumbuka. Amanzi aqala ukukhuphuka. Abantu bangena ezikebheni zabo, futhi bacwila. Imimoya yayinamandla. Futhi aya ngokujula, nangokujula, nangokujula. Emva kwesikhashana, aqala ukukhuphukela emkhunjini. Wabukela phandle ngefastela.

64 Ekugcineni, abantu bedazuluka, akukho-ndlela kuye ukuba afinyelele phandle futhi abathathe. Waye le phezulu endlini ephezulu. Babonile ngosuku lwabo lomusa. Lwalungasekho olwalusabasalele. Kwase kuleyithi kakhulu ngaleyonkathi. Ekugcineni, umuzwa onje pho okufanele ukuthi kwakuyiwo, kuNowa, ngenkathi ebukela phandle esitaladini futhi wayezibona zonke izikejana, noma ngabe zazakhiwe nguNkulunkulu noma qha.

65 Niyabo, abantu bacabanga lokho namhlanje. "Bangazakhela umkhumbi wabo. Bangazenzela insindiso yabo." Ungeke wakwenza. UNkulunkulu wasenzela insindiso, futhi sifanele siyemukele. Umkhumbi owakhiwe ngumuntu nje awuzukuma. Noma yini umuntu angayizuza ngempumelelo, ephambene nentando neZwi likaNkulunkulu, ayizukuma.

66 Kodwa kufanele ukuthi ngabe kwakunjani ngenkathi uNkk. Nowa nomalokazana bakhe, na—nendodana—amadodana, kanjalonjalo, ngenkathi bebone lamanzi enyuka emkhunjini, futhi nokho umkhumbi wawusalokhu uhlezi uflethi. Kodwa emva kwesikhashana bawuzwa udedeleka. Wawuntanta. O, uNowa wazi ukuthi konke okwakhe, azama ukukuzuza ngempumelelo, ayekwenzile, umlayezo wakhe wawusukhokhela-ke. Wadedeleka. Wayeshiya umhlaba.

67 Njengoba kunjalo nxa umuntu ezohlala, hhayi enyuke bese exhawulana nomelusi, afake igama lakhe encwadini, kodwa nxa ezohlala lapho aze ezwe into ethize idedeleka ngaphakathi kuye, futhi uqala ukuntanta aphumele ngaleya ngokukholwa, azi ukuthi izono zakhe zedlule, futhi ubambelelise umphefumulo wakhe okwehange kuKristu, futhi kunento ethize emphakamisela phezulu kakhulu phezulu kakhulu; ukuba nokuphikelela, ukuba nesineke.

68 UMose wayengonesineke kakhulu, emva kokuba wayesehlele eGibhithe futhi wabulala umuntu, nanayo yonke imfundo yakhe nokuqeqeshwa kwakhe. Futhi nokho wenze into engalungile, uyazama, ngoba wethembela kulokho ayengakuzuza ngempumelelo ngemfundo yakhe nangokwakhe uqobo. Sitshelwa ukuthi wayeyindoda yezempi. Nalokho ayeqeqeshelwe ukukwenza, sithola ukuthi kwehluleka. Futhi ngenkathi kwehluleka, wayengongenasineke kulokho, ubalekela ehlane iminyaka engamashumi amane.

69 Kodwa ngesinye isikhathi wahlangana noNkulunkulu esihlahleni esivuthayo, wakhumula izicathulo zakhe, wabona inkazimulo kaNkulunkulu. Ubone induku eyomile iphenduka inyoka, futhi ibuyela ekubeni yinduku futhi. Wabona isandla esinochoko siphiliswa ngamandla kaNkulunkulu. Futhi wezwa iPhimbo likaNkulunkulu likhuluma kuye. Akukho lutho oluzommisa-ke.

70 Bengimchaza kaninginingi. Ngikholwa ukuthi akusiyo indlela yokuthuka okungcwele. Ikhehla, elineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, nomkakhe ehlezi ngokugxamalazela umnyuzi, nom—mntwana enqulwini yakhe. Ngosuku olulandelayo . . . Nentshebe ilenga, induku esandleni sakhe, ehamba, amehlo akhe ebheke phezulu, na—nangasesibhakabhakeni, nentshebe emhlophe iphephezela.

Nomunye wathi, “Uyaphi, Mose na?”

71 “Ngehlela eGibhithe, ukuyolidla.” Ukuhlasela kwendoda eyodwa, kwakuthi ukubukeka kuwuhlobo oluhlekisayo. Kodwa izindlela zikaNkulunkulu, emqondweni wenyama, kuyahlekisa. Kodwa kuyigugu kulabo obambelelise okwehange kukho. Bayakwazi abakhuluma ngakho. Bayaphikelela. O, kufanele ukuthi kwakuyinto enjani nje! UNowa noma . . .

72 UMose, njalo, ehlela eGibhithe, isizwe esasesabise izwe, cishe njengeRashiya namhlanje. Ukuhlasela kwendoda eyodwa, ikhehla, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, nomkakhe ehlezi phezu komnyuzi, nenduku egwegwile esandleni sakhe, ehlela ukuyolidla. Into, exakile ngakho, ezweni, wakwenza. Walidla.

73 UNkulunkulu kuphela uzofanele abe nendoda eyodwa, umuntu oyedwa, ndawondawo, oboshelwe kuYe, umuntu owaziyo lapho abami khona nongonesineke. Izinhlupheko-ke, umehluko, akubakhathazi, nhlobo. Ehlela ukuyolidla, futhi wakwenza.

74 Kwakubukeka kuhlekisa kakhulu ngenkathi lapho kumi indoda ethi ayibe ngamafidi ayishumi nane ubude, noma ngaphezulu. Ngiyakholwa, iminwe yayo, ama intshi ayishumi nane ubude; nomkhonto esandleni sayo, njengenalithi yomaluki, mhlawumbe uhhafu ukusuka lapha kuya emnyango laphaya; imi yengamile, futhi iphosela uIsrayeli inselelo. KwakunoSawulu ngakwelinye icala, ikhanda namahlombe ngaphezu kwempi yakhe, indoda eqeqeshiwe, onke eqeqeshwe kahle, futhi ewawaza. Kunjalo.

75 Nodeveli wayefuna ukuhlongoza nawo. Yileyondlela udeveli ayenzayo uma ecabanga ukuthi uthole uhlangothi olungcono ukwedlula zonke. "Woza ngapha. Asingabinakho ukuchitheka kwegazi. Thina sobabili nje. Uma ngibhaxabula indoda yenu, khona-ke sizo . . . nizosikhonza. Uma ingibulala, khona-ke uzoba munye kuphela owethu ofayo esikhundleni sezimpi zethu." Isihlongozo esinje pho angasenza! Wonk'umuntu wayesabela ukufa.

76 Futhi kwakubukeka kuhlekisa ukubona omncane, umfanyana omahlombe aqhothile enyuka nesikhumba esincane semvu ezisonge ngaso, indwayimane iboshelwe eceleni kuye, namanye amakhekhe amareyizini esandleni sakhe, ukuyobona abafowabo. Nalowodeveli eqhosha phambi kwendoda kaNkulunkulu, ngesikhathi esisodwa, futhi wabiza isandla sakhe kukho. Ngani na? Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayenguBani. Wathi, "Ngizo . . . Niqonde ukungitshela ukuthi nizovumela izimpi zikaNkulunkulu ophilayo nivumele lowomFilisti ongasokile eyise izimpi zikaNkulunkulu ophilayo na? Ngizohamba ngiyolwa naye." O, he! Ngani na? Wayengophikelelayo.

77 Abafowabo bathi, "Awu, siyazi ugangile wena. Hamba ubuyele ekhaya nalezozimvu ubabayi akutshele ukuba uziqaphe. Ukhuphukela lapha nje ukuzobona impi." Ungeke wayedlula ngokukhuluma indoda kaNkulunkulu, nxa into ethize yenzekile kuyo.

78 Ngakho wenyukela kuSawule. USawule, sengiyabona, enwaya ikhanda lakhe wayesebheka phansi. Wathi,

"Ngiyasazisa isibindi sakho, ndodana, kodwa leyondoda iyiqhawe. Leyondoda iyiqhawe, kusukela ebusheni bayo. Futhi wena awulutho kodwa umuntu omusha, futhi awazi lutho ngesihlilingi noma ngomkhonto, noma ukuthi balwa kanjani ababili."

79 O, kodwa mbhekisiseni ethula into ethize. "Inceku yakho yayigcina izimvu zikayise." Wayesethi, "Ngolunye usuku ibhere langena lase lithatha enye yamawundlu kababa wami, ngase ngililandela, ngase ngilibulala. Kwase-ke kungena ingonyama yase ithatha elilodwa yase ilikhipha, ngase ngiyilandela, ngase ngiyibulala. Manje," wathi, "uNkulunkulu onginika ukunqoba phezu kwebhere naphezu kwengonyama, Uyonginika kangakanani-ke ukunqoba phezu kwalowomFilisti ongasokile oweyisa izimpi zikaNkulunkulu ophilayo na?"

80 USawule wathi, "Kodwa usengumfanyana nje." Wathi, "Awunalutho olugqokile, isikhunjana semvu nje. Linda, ngizo—ngizokugqokisa izikhali zami."

81 Ngakho wamthatha wayesemembathisa izikhali zakhe. Ungathini nje? IBhayibheli lathi waye "bomvana," omncanyana, mhlawumbe indoda engamaphawondi ayikhulu neshumi, egqoka isikhali esikhulukazi sendoda eyayingasinda cishe amashumi amahlanu amabili, cishe ende ngamafidi ayisikhombisa nento ubude. Wayepatalele kukho konke. Naningathini nje kulokho na?

82 UDavide waqalaza. Amahlombe athi awabe makhulu *kangako* ephume kude kakhulu. Futhi kwakubukeka sengathi isiketi kuye, silenga phansi le kanjalo, isivikelo sesifuba sakhe. Wathola ukuthi ivesti lobufundisi aliyilingananga indoda kaNkulunkulu. Ehhe. Wathi, "Isuseni into kimi. Angazi lutho ngayo. Kodwa angihambe nalokho engaziyo ukuthi kulungile." Nakho lapho okhona. Wahamba emandleni kaMoya.

83 Ngikholwa ukuthi kwakunguHudson Taylor owake wathi esithunyweni senkolo saseChina. Lomfana oyiShayina wathi, "Mnu. Taylor, ngizwe ubizo lwami kuKristu." Wathi, "Ngingahamba manje futhi ngitadishe ukuba ngithole iziQu zami zobuNgcweti, bese-ke kuba ngeze Ph. D. yami, nakho konke engidingeka ngibe nakho, isiqu sami sobudokotela na?"

84 UMnu. Taylor wathi, "Hamba manje, ndodana. Hamba manje. Ungalindi kuze kufike lesosikhathi. Uyomosha eningi yempilo yakho."

85 Ngicabanga ukuthi lokho kunjalo. Ngiyavumelana noMnu. Taylor. Hamba manje. Angizami khona ukwesekela ukungazi kwami manje ngokuzama ukuthi asiyidingi imfundo. Lokho kungahle kube nendawo yakho. Kodwa imfundo engenansindiso ayinahange. Konke yimikhumbi ehambayo futhi engenahange. Hamba ikhandlela lisakhanya. Ungalindi lize livuthe uhhafu. Hamba usalokhela. Uma ungazi lutho kungengaphezu kokuthi

lokhelwe kanjani, tshela abanye ukuthi lokhelwe kanjani, mhlawumbe bazokokhelela lona nabo. Niyabo? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ngakho akuthi nje ikhandlela lingokhelwa, hamba utshele wonk'umuntu ukuthi ulokhele kanjani ikhandlela lakho, futhi mhlawumbe bayolokhela kuwe. Niyabo? Qaphelani.

Impela, uDavide wayengophikelelayo, ngoba wayazi.

86 USamsoni wahlangatshezwa ensimini ngoluny'usuku nenkulungwane yamaFilisti emkakile. Futhi wabuka macala onke e. . . Wayengesiyo indoda eqeqeshiwe eyayazi ukuthi balwa kanjani ababili. Kodwa ngenkathi ephendula ikhanda lakhe wasizwa lesosivumelwano, lawomagoda eshaya emahlombe akhe. Yilokho kuphela ayekuzwa. Wathola into yokuqala esandleni sakhe, kwakungumhlathi womnyuzi, futhi washaya walahla phansi inkulungwane yamaFilisti. Ngani na? Wayengophikelelayo ngoba wayazi ukuthi uNkulunkulu wayenze isivumelwano naye, salawomagoda ayisikhombisa. Inqobo nje uma ayelenga endaweni yawo, akukho okwakuzomkhathaza.

87 O, mfowethu, dadewethu, belifanele kanjani iBandla likaNkulunkulu ophilayo lime kulobubusuku, liphikelela. Inqobo nje uma singezwa isivumelwano sikaMoya oNgcwele, iGazi likaJesu Kristu lisihlanza kuso sonke isono, asifanele neze sivumele lutho lume endleleni yethu. Ukuphikelela, impela.

88 UJohane, umprofethi omkhulu okwakhulunywa ngaye, ukuba avuke; ngenkathi esehlane, watshelwa nguNkulunkulu. Babebheke umesiya, kusobala; iminyaka engamakhulu amane ngaphambi kokuba babenomprofethi. Kodwa, uNkulunkulu wamtshela, ehlane. Wathi, "Manje, bayozama ukukutshela, 'UDok. *S'bani-bani* ngumfo obefanele ukuba nguMesiya, uma nizoMmemezela. Ngani, ungumuntu obedlula bonke ebandleni lethu.' Futhi bazothi, 'Awu, i—indodana engumzukulu wompristi omkhulu enhla lapha, ingu—ingumfo ofanele ukuba nakho,' kanjalonjalo. Kodwa, buka, Johane, lona ngumsebenzi ngempela. Ufanele uqiniseke ngempela, ngakho ngizokunika isibonakaliso. Phezu kwaLowo oyobona uMoya wehla futhi uhlala phezu kwakhe, lowo uyoba nguYe oyobhaphathiza ngoMoya oNgcwele nomlilo."

89 UJohane wama lapho, wabhekisisa phezu kwamabandla lapho eza. Futhi u. . . Wonk'umuntu eza ku*lokhu*, *lokho*, no*kunye*. Kodwa wayengaMboni. Ngoluny'usuku, esami, ephikisana nompristi, ethi, "Uqonde ukungitshela ukuthi isikhathi siyofika lapho umhlatshelo wemihla ngemihla uyosuswa na?"

Wathi, "Kuyofika uMuntu."

90 Wayesebuka. Nakho kwakulapho. Wathi, "Bheka, nanto iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe."

91 Wayekwazi ngoba uNkulunkulu wayemtshelile, “Phezu kwaLowo oyakubona uMoya ehlela kuye.” Wayekwazi. Wayengophikelelayo.

92 Sibuyele kulona wesifazane omncane. Sinezinto eziningi nje ebesingazisho ngabehlukene owayenesineke, ophikelelayo, ebambelele, ukuzuza ngempumelelo.

93 Nginesiqubulo esincane, engisisho kancanyana impela. Singahle sibe sihle kini ukuba nisithathe. “Owinayo akayeki neze, noyekayo akawini neze.” Kucabangeni nje. “Owinayo akayeki neze, noyekayo angewine.” Ufanele ubambelele. Futhi ngaphambi kokuba ngisho uqale, yiba ngoqiniseke ngempela ngempela ukuthi ukahle. Bese-ke uba ngophikelelayo, ungavumeli lutho lukugudluze. Qhubeka. Ngike ngaba nesehlakalo esincanyana impela salokho, futhi niyasazi. Ngazi lento eyodwa, uma uqiniseke ngempela ngempela ukuthi usentandweni kaNkulunkulu, uma uqiniseke ngempela ngempela ukuthi ubekwe maphakathi neKalvari, akukho lutho oluzokugudluza. Ulapho.

94 Lona wesifazane omncane, wayengumGreki, nowaseSirofenike, futhi wayezwile ngodumo lukaJesu. Manje, ukukholwa kuvela kanjani na? Ngokuzwa, ukuzwa iZwi. Wayezwile ngaYe. Futhi niyazi, angahle ukuba wayekade enenqwaba yezinto zokumvimba, ngaye engumGreki. “Ukukholwa kuvela ngokuzwa.” Siyakwazi lokho. Futhi wayene—nenqwaba yezinto zokumvimba, kodwa ukukholwa kuthola umthombo okungekho omunye awazi noma yini ngakho.

95 Ukukholwa kuthola lomthombo okungekho noyedwa ongawuchaza. Uyinto oyaziyo. Abanye bangewubone, kodwa ukukholwa kuyawubona. Ukukholwa kubona lokho, lapho iso lemvelo lingawuboni. Kodwa iso elingaphakathi liyayibona leyonto.

Manje, wayenesidingo sikaJesu. Wayenaso.

96 Into yokuqala ozodingeka uyenze, uma uzothola uKristu, ufanele wazi ukuthi unesidingo saKhe. Uma ucabanga ukuthi nje awuMdingi, khona-ke awusoze waMthola, ngoba awuyikuMfunisisa.

97 Nike nawuqaphela lowomBhalo lapho othi, “Funani niyofumana, ngqongqothani khona niyakuvulelwa”? Eqinisweni, lokho akusikho nje ukungqongqotha, njengo [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti kanye—Umhl.], khona niyakuvulelwa. Ongasho nje ukuthi, “Awu, ngiphumile, Nkosi. Ngilapha. Uyangifuna na?” Qhabo, lokho akusikho. “Ofunayo, ongqongqothayo,” ukuqhubeka. [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti kaningana.] Kuzofanele kuqhathaniseke nayo yonke eminye imiBhalo.

98 Njengomahluleli ongalungile nomfelokazi. Wangqongqotha njalonjalo emnyango wakhe. Wayengophikelele. Uma emxoshile namhlanje, kusasa wayesesezandleni zakhe futhi.

99 Yileyondlela ofuna ngayo ukuthola uNkulunkulu. Yiba sezandleni zaKhe, njalo ekuseni, njalo ebusuku, nsuku zonke, ngaso sonke isikhathi, njalonjalo. Qhubeka nje ufuna, qhubeka ucela, qhubeka ungqongqotha. Ungangqongqothi nje isikhashanyana, bese ukhathala bese usuka uhamba. Qhubeka nje nokuma lapho, "Nkosi, ngilapha, futhi angizukusuka. Ngisezandleni zaKho manje. Ngizohlala khona lapha. Usukhathele ukulalela na? Nginesikhathi esikhulu ngingqongqotha, ngoba ngiyazi ukuthi Uyeza." Amen. Lokho kungenkathi into ethize yenzeka. Uzokususa ezandleni zaKhe, uyabo, ngakho Uyaphuma ukuba akuphendule. Manje, ukukholwa kuthola lokhu.

100 IZwi laKhe liyiNkemba. IBhayibheli liyasho, kumaHeberu 4:12, ukuthi, "iZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi-zombili."

101 Manje, yinye kuphela into engabamba leNkemba. Leso yisandla sokukholwa. Isandla sokukholwa siyiyonanto kuphela engaveza lenkemba yokukholwa, inkemba yeZwi. Manje, ungahle ube nengalo ebuthakathaka, eyenele nje ukukucoshela ukulungisiswa, ubuthakathaka kakhulu. Mhlawumbe yilokho kuphela ongakunqamula wedlule kukho. Kodwa lenkemba yeZwi iyonquma ikhulule zonke izithembiso uNkulunkulu azenza kulo, uma benengalo enhle eqinile yokukholwa usibamba lapho. "Ngiyamkholwa uNkulunkulu ngokuphiliswa kwami. Ngiyamkholwa uNkulunkulu ngombhaphathizo wami." UNkulunkulu wenza isithembiso, nokukholwa kubamba leNkemba, iyomsika imkhiphe eDwaleni ngaleya. Zonke izithembiso zikaNkulunkulu zingasuswa zisikwe zikhululeke, ngeZwi likaNkulunkulu, ngokuba yiNkemba.

Wayenezithiyo eziningi, kodwa ukukholwa kwakhe kwakungenazo.

102 Ningahle nibe nenqwaba yezithiyo. Wonk'umuntu oqala ukuphuma ukuhlangabezana noKristu uyothola ukuthi unenqwaba yezithiyo, kodwa ukukholwa kwakho akunazo. Ukukholwa akunasithiyo. Ukukholwa kunobuhwanqa esifubeni sakhe, izinkonyane ezinkulukazi.

Imidlinzo iyavuka futhi ithi, "Uyazi, kunomqondo."

103 Ukukholwa kuhlehlisa izinkonyane zakhe bese eqhunsula isifuba sakhe esikhulu, wayesethi, "Thula. Hlala phansi." Nomzindlo ugxumela ngale ekhoneni bese uthatha isitulo sakhe. Kunjalo. Ukukholwa kunezinkonyane, futhi u—ukuqonde ngempela akushoyo.

104 Yilokho esikudingayo kulobubusuku. Yilokho ibandla iFoursquare elikudingayo. Yilokho iqembu lePentecostal

elikudingayo. Yilokho izwe lonke elikudingayo. Yilokho engikudingayo. Yilokho enikudingayo. Futhi besifanele sibe namahloni ukukuvuma, kodwa sidinga ukukholwa okuyobamba iZwi likaNkulunkulu futhi sithi Liqinisile. Sidibane nodeveli futhi sithi, "ISHO KANJE INKOSI."

105 Ngangifunda ngoluny'usuku lapho indoda yathi udeveli wafika phambi kwayo. Wayesethi, "Wayengudeveli nje omdala omncanyana, futhi wathi, 'Hha.'"

106 Yathi, "Ngagxuma ngahlehla." Yayisithi, "Wathi, 'Hha.' Ngagxuma ngahlehla. Njalo uma empompoloza, 'Hha,' futhi ngigxume ngihlehle, wayeya ngokuba mkhulu futhi mina ngiye ngokuba mncane." Yayisithi, "Wayeqhubeka nokuthi, 'Hha.'" Yathi, "Ngangiya ngokuba mncane ngaso sonke isikhathi ngenkathi ngigxuma ngihlehla, futhi yena wayeya ngokuba mkhulu."

107 Yathi, "Ngangazi ukuthi ngangifanele ngilwe naye, emva kwesikhashana." Yathi, "Ngaqalaza, ngacabanga, 'Ini?' Ngathola iZwi likaNkulunkulu." Wathi, "Ngalisongela esandleni sami. Nodeveli wathi, 'Hha.' Ngase ngithi, 'Hha,' ngibuyisela." Yayisithi, "Ngenkathi ngithi, 'Hha,' ngibuyisela, njalo uma ngithe, 'Hha,' wayeya ngokuba mncane futhi mina ngangiya ngokuba mkhulu." Yilokho-ke. Ufanele ulwe naye, noma nini.

108 Niyazi, abantu abakholwa ukuthi ukhona udeveli. Ngigijima ngingene kuye, ngaso sonke isikhathi, ehhe, ngizishayise kuye nsuku zonke. Noma yiliphi elinye ikholwa liyakwenza. Yebo, ufanele ulwe naye, noma nini, ngakho ungavele nje uqale khona manje. Yinye kuphela into ayesabayo, yileloGazi naleloZwi. Ukukholwa kuyakubamba. Kuqinile, kumasha kuye phambili.

109 Manje, siyathola, lona wesifazane ongumGreki omncane, njengoba ngishilo, wayenezithiyo eziningi, kodwa ukukholwa kwakhe kwakungenazo. Ukukholwa akunazithiyo. Bangahle ukuba bathi kuye, "Uyazi ukuthi ungumGreki na? Ungu—ungu—ungumGreki. Uyazi, awusuye owehlelo laKhe. Ungehleli lapho kulesosigejane."

110 Manje, leso ngesinye sezithiyo. Niyabo? Kodwa uma unokukholwa, uyahamba, noma kanjani. Lokho akwenzimehluko, ukuthi Ukuliphi ihlelo, inqobo nje uma Elapho.

111 Wayenesidingo. Wayenendodakazi eyayibulawa yisithuthwane. Futhi wayefanele afinyelele kuYe, ngoba odokotela babengenakumenzela lutho. Bangeke bakwenza namanje. Ngakho wayefanele afinyelele kuJesu. Wayezwile ukuthi Wayephilise lezo uhlobo lwezifo.

112 "Awu," bathi, "Yena, Aka—Aka . . . Akezi neze nemvuselelo yaKhe emahlelweni enu." Lokho akumthiyanga. Lowo wesifazane omncane wayenokukholwa. Wayengophikelelayo.

Wavele nje waledlula leloqembu. Ukukholwa kwakhe kwamdonsa kwamsusa kulo.

113 O, ukuba nje bebengenza lokho namhlanje! Omunye athi, “Kunomhlangano kulobubusuku ezansi ebandleni iFoursquare.”

114 “Awu, awusiwo owehlelo lakho. Kungcono uziqhelanise nawo ezansi lapho.”

115 Cindezela nje ngqo uqhubeke. Ukukholwa kwakho kukuthatha kukuqhubele phambili ngqo. Uyabo? Ukukholwa akunasithiyo. Kuyahamba, noma kanjani. Akukho lutho oluzokumisa. Njengoba ngishilo, kunemisipha, izinkonyane ezinkulu. Kunephansi; abaningi babo bayakwesaba. Yebo, mnumzane. BayoKubalekela, njengopokisi. Bavele nje basuke bayothi ngqi. Abanalutho abangakwenza ngaLokho, uma ukukholwa okukhulu kuvuka, kuthi, “Ngiyamazi engikholwa nguye. Ngikholisekile.” Yilokho-ke.

116 Kungahle ukuba kwakukade kunelinye iqembu elifikayo, lithi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjengaleyo. Leso yisigejane sabagingqiki abangcwele ezansi lapho, lawomaJuda. SingamaGreki. Sihlakaniphile. Siyiqembu labantu eliyizihlakaniphi. Sinika izwe ubungcweti, umnyuziki, ne—nenkolo. Futhi ayikho into enjengaLeyo.”

117 Kodwa wayengophikelelayo. Izinsuku zezimangaliso lwalungakedluli, kuye, ngoba into ethize yayisivele imtshelile, phansi *lapha*, ukuthi lwalungakedluli. NoJesu wayenalokho ayekufuna, futhi wayezimisele ukufinyelela kuYe. Kungakhathaleki ukuthi ihlelo lakhe lalikuxhasa, noma qha, wayehamba, noma kanjani. Wayezokwehlela lapho. Wayengophikelelayo, esalokhu ephikelele. Izinsuku zezimangaliso zingahle ukuba zase zedlulile kubo, kodwa lwalungenjalo, kuye. Yileyondlela okungayo kulo lonke ikholwa. Labobantu bathi izinsuku zezimangaliso . . .

118 Indoda yangitshela, ngesinye isikhathi esedlule, yathi, “Angikhathali ukuthi ubungathini, Mnu. Branham.” Yathi, “Angikholwa ukuthi ikhona into enjengokuphilisa ngokukaNkulunkulu.”

119 Ngathi, “Impela ngeke, kuwe. Kwakungesikho okwabangakholwayo. Okwalabo nje abakholwayo. Kunjalo. Akuthunyelwanga kwabangakholwayo. Kwathunyelwa kwabakholwayo. Ungeke waKujabulela, ngoba awazi lutho ngaKho.”

120 Wayefuna ukungitshela, “Ayikho into okuthiwa nguMoya oNgcwele.”

121 Ngathi, “Usuthi nje ukwedlulelwa yisikhathi ngeminyaka engamashumi amathathu-nantathu, ngalokho.” Ngathi, “Ngazi kangcono. Sengivele ngiKwemukele.”

"Awu, umbhedo!"

122 Ngathi, "Kungahle, kuwe, kodwa hhayi kimi. Kuyikho ngempela kimi. NgukuPhila, into ethize ebambelelise okwehange." Ufika sesedlule kakhulu isikhathi ukuzongitshela lokho.

123 Bafike sesedlule kakhulu isikhathi ukuzositshela ngokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Sesivele siphilisiwe. Sesivele sigcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Sesivele sinawo umusa woHlwitho. Amen. Sesedlule kakhulu isikhathi sanoma yiyiphi yalezozinto. Bangavele nje bathule. Sesivele sinakho. Ukukholwa kwethu kungathi, "Hlala phansi. Ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani."

"Awu, odokotela?"

124 Angikhathali ukuthi uDok. *S'bani-bani* uthini. IBhayibheli lakusho, futhi nginokukholwa kuleyoNcwadi esandleni sami. Nokukholwa kwami kuyaKubamba lapho, "UJesu uyeza. Ngikholwa ukuthi ngamemukela uMoya oNgcwele, ngoba ngiWubona uphila empilweni yami." Amen. Kuhambisana neZwi. Akukho lutho . . . Isambulo esibonakalisiwe, isiqinisekiso esiphelele seBhayibheli siqinisile, noJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Mabahleke ngaleyondlela. Bangahleka konke abangafuna ukukuhleka. Sizovele nje sibe ngabaphikelelayo impela njengoba babenjalo ngenkathi uNowa ephikelela, uMose waphikelela, bonke abanye abazifanisayo bequbuka.

125 UJane noJambre baphonsa induku yabo phansi, yaphenduka inyoka. Kwakukhona lawomadoda, ehlonipheke impela nje njengoba ayengahlonipheka, enza khona impela uNkulunkulu awatshela ukuba akwenze, futhi nakho kuvumbuka isigejane sokuzifanisa, baphonsa phansi izinduku zabo. Into kuphela ababengayenza, ngukuma bathule nje futhi babone inkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

126 UNkulunkulu uzoma ngakho. Uma Akuthuma, futhi uqinisekile ngakho, uzozuza ngempumelelo umsebenzi uNkulunkulu akumisela wona ngaphambili ukuba uwenze. Uzoma lapho, noNkulunkulu uzosusa wonke ozifanisayo wokwenyama kuwe. Kunjalo. Ume lapho. Ungaba nokuphikelela, ngoba uyamazi okholwe nguYe, nokuthi yikuphi okuyikho. Hlola isambulo sakho ngeZwi. Uma siphambene neZwi, sishiye kanjalo. Uma sikanye neZwi, uNkulunkulu ubophezekile, ubophezeke ngokomsebenzi, ukugcina iZwi laKhe manje.

127 Manje, kungahle ukuba kwakukade kukhona isigejane samanenekazi simi ezansi ekhoneni, niyazi. Futhi athi, "Nangu eza. Manje unalowomntwanyana enhla lapho, onesithuthwane. No—noDok. *S'bani-bani* washo ukuthi—ukuthi akukho-selapho sesithuthwane. Futhi nangu, ehlela kulelohlelo elisuswe uphawu

ezansi lapho, ngalowomprofethi oluhlanya ukuba akhuphukele lapha futhi aphilise lowomntwana.” Ngakho athi, “Besifanele simmise uSusie.” Ngithemba ukuthi akekho uSusie lapha. “Kodwa besifanele simmise uSusie futhi simtshele, ngoba ubengowesifazane olungileyo. Akukho lutho oluphambene nempilo yakhe. Kodwa besifanele simmise, nento kuphela engikwaziyo ukuyenza. Wedlulile, wonke omuny’umuntu, ngakho angeke asephule lesisivimbelo.

128 “Uyazi uk’thini, Susie? Umyeni wakho uzokushiya. Ngoba, ungumphatheli noma umdikoni ebhodini, futhi uzokushiya, impela njengezwe, uma wehlela lapho.”

129 Wayesalokhu ephikelele. Waqhubeka ngqo. Niyabo? Ukukholwa akwazi sithiyo. Kufanele kufinyelele lapho.

130 Wayesedlula elinye iqembu elithi, “Uyazi uk’thini? Uma ubuyela emuva, wehluliwe, futhi uthola ukuthi akukho lutho kukho, wonk’umuntu komakhelwane uzokuhleka.”

131 Lokho akuziphendulanga ngisho nezindlebe zakhe zibe bomvu. Wayengophikelelayo. Waqonda phambili ngqo. Ngiyakuthanda lokho. Ngiyakuthanda lokho kuba nokuphikelela.

132 Manje-ke nakhu kwakumi omunye wabadikoni, wayesethi, “Uma wehlela lapho, uyazi ukuthi bazokwenzani? Bazokukhipha ebandleni lakho, ngoba uzihlanganise nalabo umgingqiki ongcwele, noma labobantu.” Wayesethi, “Uyazi . . . ” Ngiyaxolisa. Bekufanele mhlawumbe ngingakusho. Niyabo? “Uzihlanganisa nabo. Uzothola ukukhishwa ebandleni lakho.”

133 Wayesalokhu ephikelele. Ukukholwa akwazi kwehlulwa. Wayenento eyodwa ukuba ayizuze ngempumelelo, nalokho kwakungukuthi, afinyelele kuJesu. Wayenesidingo, futhi WayenguYe kuphela owayekade enalesosidingo.

134 Ngisho lokhu kulobubusuku, mfowethu nodadewethu. Ngineminyaka engamashumi amahlanu-nantathu ubudala. Kade ngiMkhonza kusukela cishe ngisenamashumi amabili. Uhlangane nayo yonke into enganginesidingo sayo. Futhi uma kufika ehoreni lokufa kwami, ngiqinisekile ukuthi ngidingani ngayo leyonkathi, amaphiko amabili ukufinyelela ngapheseya komfula, Uyoba lapho. Ungakhathazeki. Ngiyazi Uyoba lapho. Ngiyovele nje ngihlome inkemba endala ngiyibuyisele emgodleni, bese ngikhumula isigqoko sesivikelo, ngisibeke phansi phezu komfula, uma ngi . . . gwini, uma ngizwa ukufuhleleka kwamanzi. Futhi ngiyodazuluka, “Thumela isikebhe sokuhlenga. Ngiz’ekhaya, kulokhu ukusa.” Siyoba lapho. Yebo, mnumzane. INkanyezi yoKusa iyokwehla bese ikhanyisa indlela. Ngapheseya komfula siyohamba. Yebo, mnumzane. Amen.

135 Wayephikelele. Wayenokuzuza ngempumelelo. Wayazi ukuthi wayedingeka abe nokuba nesineke ukuze afinyelele kuJesu, ngakho wayedingeka edlule ngakuzo zonke izinto.

136 Ekugcineni, wafika. Manje, ekugcineni, wafika lapha. Yonke into isikahle manje, futhi manje-ke nakhu kufika esinye isithiyo. Yona impela iNdoda ayezitshele ukuthi unethemba kuyo, iNdoda azama ukufinyelela kuyo, uJesu. Wathi, "Angithunyelwanga ohlangeni lwakini." O, he! Lokho kwakungesenze yini thina maPentecostal siqhume na? Mm! Mm! He! "Angithunyelwanga ohlangeni lwakini." Wewu! Lokho kwakujabhisa.

Kodwa niyazi uk'thini? Ukukholwa akwazi-kujabhiswa.

137 Futhi manje-ke, futhi, Wajika. Emva kokuthi zonke lezizinto ayedlule kuzo, nokukholwa kwakhe kubambelele, ukuthi wayazi ukuthi uJesu wayengamnika isifiso sakhe. Futhi wedlula kuzo zonke zalezizivimbelo. Futhi ngenkathi efinyelela kuYe, khona-ke wala, waphetha, "Angithunyelwanga ngisho nasohlangeni lwakini."

138 Sengathi ngiyambona emi lapho, namehlo akhe ebenyezela. Yena, wayesephambi kwaKhe ngaleyonkathi. Yilokho kuphela ayefanele abe yikho. Wayesethi, "Ngaphandle kwalokho, uhlanga lwakini alulutho kuphela isigejane sezinja." O, he!

139 Ukuba-ke Wayesho lokho kuwe na? Wawuyothi, "Ngizothatha amaphepha ami kuleFoursquare futhi ngiwelele kwenye indawo. Angisophinde ngibuyele lapho futhi. Ngizokuthatha ku*S'bani-bani*." O, yebo. Yebo, mnumzane.

140 Kodwa noma kunjalo waqhubeka nokubambelela. O! Niyabo? Ukukholwa akwazi-kwehlulwa. Akukho lutho oluzokumisa. Nakuba uJesu asho kuye, Yena impela afika kuye, wathi, "Angithunyelwanga ohlangeni lwakini, futhi abalutho kodwa isigejane sezinja." Wewu! Kodwa ini? Wayebambe okokukholwa kwangempela. Ukukholwa akwazi-kwehlulwa; angikhathali ukuthi kuvelaphi. Akwazi-kwehlulwa, ngoba wayenokukholwa. Noma kunjalo wabambelela. O! Ngiyakuthanda lokho. Wayengesiso isithombo sengajana yokukhulisela, okubhasteliwe, njengabanye babo namhlanje.

141 Lezizinkolo ezibhasteliwe esinazo namhlanje, niyazi. Azilungile. Yonk'into manje ingukubhastela, ukubhastela. Ngisho banamabandla abhasteliwe, amaKristu abhasteliwe, angeniswa ngokuxhawulana. O, angagqoka kangcono, mhlawumbe asebenzise isiNgisi esingcono, kanjalonjalo, kanjalo. Ayinakuphila kuyo.

142 Thatha isikhwebu esihle esikhulu sokusanhlamvu, esibhasteliwe, mhlawumbe sisihle nje ngokuphindwe kabili njengesinye. Sitshale, sizofa. Futhi asinakuphila kuso. Kunjalo.

143 Asifuni lutho olubhasteliwe. Sifuna into yangakoqobo. Awunaso, hlala lapho ize ifike. Usemukelelani isibambiso

zibe izibhakabhaka zePentecostal zigcwele okwangempela na? Uyabo? Akukho lutho olubhasteliwe, aluyikuma.

Uzofanele uthi njalo ufuthe isithombo esibhasteliwe, ususe izilwanakazana kuso.

144 Yileyondlela ngamanye alamaKristu abhasteliwe. Uzofanele uwatotose futhi uwambambathe, futhi uwathembise ukuthi azoba ngumdikoni noma enye into, ugcine ezinye zezilwanakazana zezwe kuwo, zokungakholwa. "Ayophuma ebandleni." Zikhahlele uzikhiphe, noma kanjani. Kunjalo. Zazingakaze zibe phakathi.

145 Ungeke walijoyina iBandla. Ungalijoyina idlangala. Ungalijoyina idlangala leMethodisti, idlangala leBaptisti, noma idlangala lePentecostal. Kodwa uma uke weza kuKristu, uzozalwa eBandleni, kunjalo, uMzimba ofihlakele kaKristu. Amanye angamadlangala. Kunjalo. Kunjalo impela, akukho lutho oluphambene nabo. Kodwa uyazalwa eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, ngoMoya kaNkulunkulu. Ungeke waLijoyina, nhlobo. Futhi uma uzalwa phakathi Lapho, unokuZalwa.

146 Awusesikho nhlobo okubhasteliwe, ojoyina ngesandla noma ocela ulifti. Ehhe. Uyazi, ocela ulifti njalo ushaya izithupha. Yileyo indlela. "Awu, ngiyazi, kodwa uDok. *S'bani-bani*. . ." Qhabo, qhabo. Yilokho. Yilokho. Kuyikho impela.

Wayephikelele. Wayengesikho okubhasteliwe. Wawungadingeki ukuba umfuthe ngaphezulu, ngamakha, ukumenza abe kahle. Wama lapho.

147 Ingxenye yokudla kwethu kwasensimini namhlanje, okuningi kwakho okubhasteliwe. Okuthize nje njengoDavid duPlessis, ngiyakholwa, wake wathi, "UNkulunkulu akanabo abazukulu."

148 Inkathazo ngomnyakazo wethu wePentecostal, sithola abazukulu bePentecostal. Bangena ngoba obaba bethu nomama babengamaPentecostal. Sibathathe sibafaka embhedeni wengane osongwayo, futhi bakhuphuke bengenasehlakalo. Futhi lapho bathi bayiPentecostal, futhi. Qhabo, mnumzane. UNkulunkulu akanabazukulu. Akasuye umkhulu; UnguBaba. Kunjalo. Uma uke wafika eZulwini, uyokhokha inhlawulo njengoba umama wakho wenza, ubabayi wakho wenza. Amen. Lokho kungezwakala kungenanhlonipho, kodwa kuyiQiniso. Kuyindlela engenanhlonipho ukwenza iphuzu, kodwa niyaluqonda lolohlobo lwesiNgisi, ngiqinisekile. Akusiso isiNgisi esihle kakhulu. Kuletha iphuzu, engizama ukukusho. Kulalele nje. Yebo.

149 Wayengesikho okubhasteliwe. Wayengadingeki ukuba afuthwe ngaphezulu, futhi atotoswe manje, "Awu, manje, dadewethu othandekayo, ngi—ngizokutshela, awu. . ." O, qhabo. Qhabo, mnumzane.

150 Futhi akunendaba ukuthi yini eyamshaya yamwisa phansi, wathi, "Kuyiqiniso. Asilutho kuphela isigejane sezinja. Kuyiqiniso ukuthi asikufanele." O, he! Wavuma ukuthi Wayeqinisile.

151 Ngizosho umthamo omkhulukazi. Lungelani. Sonke isikhathi, ukukholwa kwangoqobo kuyovuma ukuthi iZwi liqinisile. Futhi noma nini, ukuthi uma into ethize ithi izinsuku zezimangaliso selwedlule, noma into ethize emelene neBhayibheli, ayisikho ukukholwa kwangoqobo. Ukukholwa njalo kuvuma iqiniso. Ufanele uhlale neZwi. Akunandaba ukuthi noma yini enye ithini, ukuthi noma ubani omunye uthini, yiZwi eliqinisile. "Makuthi onke amazwi omuntu abe ngamanga, nawaMi abe yiqiniso. Noma yimuphi oyonezela kulo, noma asuse kulo, naye ingxenye yakhe iyosuswa eNcwadini yokuPhila."

152 UNkulunkulu uzokwehlulela izwe ngebandla na? Liphi lona na? IKatolika na? Amahlelo ahlukene eve emakhulwini ayisithupha namashumi ayisithupha na? Uzokwenza kanjani lokho na?

153 UNkulunkulu uzokwehlulela izwe ngoJesu Kristu. NoKristu, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." UNkulunkulu neZwi kuyefana. *Lona* nguNkulunkulu esekubhalweni.

154 Unawo u—unawo uMoya oNgcwele na? Tshala leyoMbewu phakathi lapho. Uyiletha ekuPhileni, uqhumisa lokho kuPhila, futhi ukubonakalise futhi ukuqinisekise. UJesu wathi, uJohane oNgcwele 12, "Okholwa yiMi. . . " UJohane oNgcwele 14:12, njalo, "Imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Ngakho njalo kuvuma eQinisweni. O, he!

155 Kodwa, niyazi, wathi, "Lelo yiqiniso. Asilutho kodwa isigejane sezinja. Futhi asi. . .Ngempela Awuthunyelwanga kithi. Kodwa, Nkosi, angibheke sona sonke isinkwa abantwana ababenaso. Ngifunisisa kuphela imvuthuluka." O, he!

156 Manje, niqaphelile na? Abantu, bafuna ukuthola *lokhu*, baphiliswe, futhi bathole uMoya oNgcwele ngendlela abacabanga ukuthi bafanele babenawo ngayo. "Manje, ngizokwehla, mfowethu, uma uzongenyusa futhi ungiyise ekamelweni lapho okungekho-muntu khona ozongibona, bese ubeka izandla zakho phezu kwami bese ungibusisa, bese ufaka uMoya oNgcwele kimi. Ngizokwemukela." O, qhabo.

157 UNamani wayefuna ukwemukela ukuphiliswa kwakhe kanjalo, ngesinye isikhathi. Kodwa uElija wamtshela ukuba aphumele lapho eJordani elidala elinodaka futhi acwile kasikhombisa. Sengiyambona nje ehla enqoleni yakhe. O, indoda enkulu, ibamba ikhala layo. Nangu eza, ephumela emanzini, ehamba ecokama njengekati kutiligi, niyazi, ephuma ka*nje*, niyazi, ephuma ka*njalo*, ehlela emanzini. Wathi, "O,

ngiyakuzonda ukwenza lokhu, ukwehlela phansi okoqwembe oluthwala izitini." Abanye abantu uza ealtare sengathi bekuludaba olucikanayo kubo. Ya. "O, angifuni ukwenza lokho."

Wacwila kanye, ngaleyonkathi, "Futhi ngisalokhu nginalo uchoko."

158 "Umprofethi wathi, 'Kasikhombisa.'" Kunjalo. Waze walilalela iZwi, ngokuphelele! Uze uLilalele, ngokuphelele! Wayenendoda elungileyo imi ogwini, yathi, "Umprofethi uthe, 'Kasikhombisa,' baba. Uyabo? Qhubeka nje ucwila."

159 Yilokho-ke. Awukutholi ngubusuku bokuqala, cwila nje futhi ngobusuku obulandelayo. Yiba ulokhu uqhubeka nje uze uthole—ukuthole.

160 Manje khumbulani. Wayefana noRahabi isifebe, lona wesifazane omncane wayenjalo. Wayengakaze asibone isimangaliso. Wayezwile kuphela ngesimangaliso. Uyokwenzenjani ngosuku e. . . enze ngoSuku lokwaHlulelwa kini na? Wayengakaze asibone isimangaliso. WayengoweZizwe. Wayengakaze abone, kodwa wayezwile. Futhi thina kokubili sibonile futhi sezwa, futhi sisangabaza. O, he!

161 WayenjengoRahabi isifebe. Ngenkathi izinhloli ziza neno, akadingekanga ukuba athi, "Ngizonitshela. Wozani noJoshuwa futhi nithi akangibambele inkonzo, futhi ngizobona indlela alungisa ngayo izinwele zakhe, nangendlela akhuluma ngayo, nokuziphatha kahle akusebenzisa epulpiti. Futhi ngizobona ukuthi ngabe ngingamemukela yini noma qha." Wathi, "Ngizwile ukuthi uNkulunkulu waseZulwini wayenani, nento kuphela engiyicelayo ngukuba ngisindiswe." Nakho lapho okhona.

162 Lowo wesifazane omncane wayephikelele ngempela. Waqhubeka wabambelela ngqo. "Ngisindiseni nje. Ngizokwenza noma yini enifuna ngiyenze." O, nakho lapho okhona. Yilokho-ke.

163 Lona wesifazane omncane, akunendaba ukuthi ubunzima babuyini, wayephikelele. O! Wayenokusondela okuyikho esiphiweni sikaNkulunkulu. Wayenokusondela okuyikho, ukuzehlisa. Wawela ezinyaweni zaKhe, futhi wayenokuzehlisa. Akasukumanga, athi, "Manje, Wena linda umzuzu nje. Uyasazi thina bantu singamaGreki. Uthi sasiyizinja. Umzuzu nje lapha, Mnumzane. Uyaqonda yini ukuthi si—singonqondonqondo bobungcweti, futhi singonqondonqondo ba*lokhu-nalokhu* no*kunje-nokunje* na?" Akazange acabange ngalokho, nhlobo. Wavele wavuma nje ukuthi Wayeqinisile, wayesewela ezinyaweni zaKhe, wase ethi, "Ngisize, Nkosi. Ngizodla imvuthuluka nje. Uma indodakazi yami ingeke yaba nocezu lonke lwesinkwa, Ungayivumela nje ibe nemvuthuluka, uma iyinja na?" O, he! Nakho lapho okhona.

164 Besingeneliswa yini yimvuthuluka nje, uma uMoya oNgcwele ubungembula komunye kulobubusuku, "Uphilisiwe"? Beningakulungela yini nje ukuthatha imvuthuluka, noma beningafuna uNkulunkulu ukuba aye ngale bese eyanivusa bese eninika olunye uhlobo lomuzwa na? Uma nje Ubengasho enhliziyweni yenu, "Ukugula kwami sekuphelile. Awusenakho. Ngiyakholwa ukuthi ngizophiliswa, kusukela kulobubusuku kuqhubeke," beningayithatha imvuthuluka na? Noma, beningafuna wonke umuntu enyuke bese ebeka izandla phezu kwenu, bese ethela amafutha, futhi nedlule enkambisweni yanjalonjalo kanjalo, noma nibheke imvuthuluka nje na? UNkulunkulu uzokuhlonipha lokho.

165 Niyazi, abaningi babafundi babeMbonile emva kokuvuka kwaKhe. UTomase wathi, "Qha, ehhe, ngeke ngikukholwe. Ngi—ngifanele ngibeke izandla zami emanxebeni, ezipikili zaKhe ezandleni zaKhe nasohlangothini lwaKhe. Khona-ke ngizokukholwa."

166 Wathi, "Woza lapha, Tomase." Wathi, "Ngithinte." Futhi wakwenza.

Wathi, "Nkosi yami, futhi Nkulunkulu wami."

167 Wathi, "Tomase, ngoba ubonile futhi waphatha, nayo yonke into, uyakholwa."

"Yebo, Nkosi."

168 Wathi, "Mkhulu kangakanani umvuzo wabo, ongakaze abone futhi nokho oyoMkholwa!"

169 Sesilungele na? Ngabe thina beZizwe sifana nalowo wesifazane weZizwe na? Ngabe wayeyisibonelo kithi sonke, "Ngiphe imvuthuluka nje, Nkosi"? Mangizwe nje omunye umuntu, "Angikaze ngilifunde iZwi, kodwa ngitshele ukuthi Uphilisa abagulayo. Leyomvuthuluka iyongenela. Ngiyayikholwa. Mangizwe umuntu mumbe esho, futhi ekufunda eZwini, ukuthi uMoya oNgcwele . . . "

170 UPetru wathi, ngoSuku lwePhentekoste, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nabo okude, ngisho nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

171 "Nkosi, ngiyezwa ukuthi lokho kuqinisile." Leyo yimvuthuluka. Wozani. Yilokho kuphela enifanele nikwenze. Wozani.

172 Ngabe sesikulungele ukuthatha imvuthuluka na? Ngabe sesikulungele ukuzithoba na? Wayenjalo. Wayesekulungele ukuzithoba. Ukukholwa njalo kuvuma iZwi ukuthi liqinisile. Ukukholwa njalo kuyazithoba. Ukukholwa kuyazithoba. Manje, wayebheke imvuthuluka nje.

173 Bhekisisani ukuthi uJesu wathini. "Ngenxa yalokhu ukusho, ngenxa yalokhu ukusho, 'Ngiyavuma ukuthatha imvuthuluka, Nkosi.' Ngenxa yalokhu ukusho, umntanakho usephilile. Unaso isicelo sakho ngoba uyasikholwa."

174 Ukukholwa kuyavuma ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile. Ukukholwa kuzivuma zonke lezizinto.

175 UMarta, uMariya; kusukela phansi eBhayibhelini besingabiza abaningi; owesifazane waseShunemi. Izinto eziningi nezehlakalo ebesingazibiza. Asinaso isikhathi sokukwenza. Salokhu, nginamakhasi athi awabe mahlanu lapha, abhalwe ngabantu, manje, abasondela emvuthulukeni. Kodwa ake sikwedlule lokho umzuzu nje. Ngizwa uMoya oNgcwele uvala. Angicabangi ukuthi kunesidingo.

176 Ake ngininike nje isehlakalo esincane esisodwa. IBusiness Men yabhala into encane phezulu lapho, udatshana oluncane kungekudala, ephephabhukwini labo. Futhi khumbulani, uma wenza udaba olushicilelwe, kungcono ukwazi ukulwesekela. Sinaso, isitatimende esisezincwadini esivela kudokotela. Ngiyaqaphela, ebandleni kulobubusuku, abantu abambalwa impela baseSpain.

177 NgangiseDolobheni laseMexico, futhi sasinomhlangano omangalisayo. Ngangikade ngilapho cishe ubusuku obuthathu. Futhi kwakukhona indoda engiyibiza ngoMañana. Wayefanele ukungilanda ngelesithupha nqo, futhi wayengilanda ngelesishiyagalolunye. Futhi mina njalo, ngoba wayenza kancane kakhulu, ngathi waye "yikusasa." Niyabo? Futhi ngenkathi siphumela kulesisiyingi esikhulu lapho engangishumayela khona, babedingeka bangenyuse ngelada phezulu lapha, bese-ke bengehlisa ngezintambo, phansi emsamo.

178 Ngobusuku bakuthangi, kwakukade kukhona indoda engumMexico eyayize emhlanganweni. Futhi umfo omdala, lina, njengoba kwakunjalo, futhi iza emsamo, iyimpumputhe. Futhi yehla. Ngabheka. Ngangifake izicathulo ezinhle, nesudu enhle. Futhi ikhehla elimpofu, lalingafake zicathulo, ibhulukwe lalo limanikiniki lonke. Futhi ngiyanitshela ukuthi kwakungubani utolika wami, nina bantu niyamazi; uMfowethu Espinosa, enhla lapha eSacramento, eCalifornia, umfowethu oyiPentecostal. Wayetolika. Sasithi asibe, ebusukwini obubili, ngicabanga ukuthi lapha cishe kwabaphendukileyo abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu noma ezingamashumi amane abasuka ebuKatolikeni, baya ebuKristwini noMoya oNgcwele.

179 Nalelikhehla eliyimpumputhe linqamula emsamo. Futhi uma ungabazweli abantu obakhulekelayo, asikho isidingo sokubakhulekela. Ufanele ukuzizwela endaweni yabo. Futhi ngacabanga, "Ukuba ubabayi wami osemdala wayesaphila, ngabe wayethi akabe yintanga yalelokhehla.

Nanti. Alinazichathulo." Futhi lalingafake yembe. Ibhantshi elidala, elimanikiniki, linezintuli; isigqoko esidala esandleni salo, sithungwe ngemichilo. Mhlawumbe umfo omdala wayengakaze abe nokudla okukahle empilweni yakhe. Bese kuba ngukuthi-ke sasibe nonya kanjani isimiselo kuye, nangu ebhadazela ebumpumputheni. Amehlo akhe ayemhlophe.

180 Ngambuka umfo omdala, futhi nga—ngavele nje ngamgaxa ngezingalo zami. NoMfowethu Espinosa wayengawutoliki umkhuleko. Nga—ngathi, "Baba waseZulwini, ukuba bengingamupha izicathulo zami, bengingamonyuka kuzo ukuze zingabonwa muntu, ngimuphe ibhantshi lami, ngimthumele emgwaqeni. Kodwa uthe ukuba banzi kunami. Kodwa, Nkulunkulu, mhawukele. Mbuyisele ukubona kwakhe."

181 Wampompoloza, "Gloria a Dios." Ngaqalaza. Wayebona kahle nje njengoba ngangibona.

182 Ngobusuku obulandelayo kwakukhona irekhi, noma inqwaba yotshani, ngangobude balesisakhiwo, buthi abuphakame ka*ngaka*, singenalutho kodwa nje amatshali amadala nezingubo zokugqoka ezindala esezimanikiniki.

183 Ezomnotho zaseMexico azimile kahle. Mhlawumbe uPedro uthola . . . ungumbazi wezitini, angahle ukuba uthola imali engopesos abayishumi nesithupha ngelanga. Kodwa kuyothatha umsebenzi wezinsuku ezine ukuba azithengele ipheya lezicathulo. Kodwa uyofanele onge eyenele yaleyo ukuba akhokhe, imali engopesos abaningana, ukuthenga ikhandlela likagrisi ukuba livuthe ealtare legolide lesigidi samadola ngezono zakhe. Yilokho okungibilisayo.

184 Ukubona labobantu abayigugu, bafika lapho ngelesishiyagalolunye nqo ekuseni. Kungekho zihlalo, ukuba bahlale phansi. Babencikana, njengezimvu edlelweni. Lina! Labo abesifazane, bemile, izinwele zabo zehle zaba yimishwe, bemanzi te, balinde usuku lonke elangeni elishisayo noma imvula, ukuba nje bezwe iZwi likaNkulunkulu. O, bayokwenzani uma iPhoenix isukuma ngoSuku lokwaHlulelwa nabo, lapho, amabandla amahle ndawozonke, futhi anikwazi ngisho nokubelusela phakathi na?

Nango owesilisa emile, noma wama owesifazane, njalo, nokubona kwakhe.

185 Ngalobo busuku ngenkathi ngingena, lalina kanzima. UMfowethu Jack Moore, abaningi benu bayamazi, uMfowethu Espinosa, abaningana babazalwene, wayesemsamo. Futhi uBilly, indodana yami, uvame ukunikezela amakhadi omkhuleko. Futhi wayengakwazi ukukhuluma iSpenishi kulabobantu, ngakho wayededela uMañana akwenze. Kodwa wavele nje wajikela ngale ukubona ukuthi uMañana akalithengisanga yini ikhadi lomkhuleko. Ngakho yilapho esidingeka sibhekisise khona, niyazi, ngokuthengisa ikhadi

lomkhuleko. Ngakho wavele wambhekisisa nje. Futhi babenyuka futhi babhekisise futhi babone ukuthi unikeza nje ikhadi lomkhuleko u*S'bani-bani*, nakanjalo. Ngakho wathi . . .

186 Uza kimi, ngase ngishumayela. Inqwaba enkulu ya—yalezozingubo zokugqoka zibekwe phezulu lapho. Ukuthi baze bazi kanjani ukuthi le yayingekabani, angazi. Ngakho babe . . . Ngase ngikhuluma nje, noBilly wangithi qhwaba ehlombe. Wathi, "Babayi, kuzofanele kube khona okwenzayo, lowo wesifazane omncanyana laphaya." Wathi, "Nginabangenisi cishe impela abangamakhulu amathathu, futhi abakwazi ngisho nokumbamba." Intombazanyana encane eyiSpanish, ethi ayiphakame *kangaka*, into enhle encane, yayinengane efile ezandleni zayo, phansi kukablankethe. Wayesethi, "UMañana ukhipha onke amakhadi omkhuleko." Wayesethi, "Ayinakhadi lomkhuleko. Futhi nanku umugqa, kade umile, wabo lapho, sekwedlule amahora amabili, bekulindele, woza." Wayesethi, "Ifuna ukuletha leyongane efile phezulu lapha, futhi asikwazi ukuyibamba."

187 O, awu, yayibeqa ngaphezulu ngqo labobangenisi, igijime ngqo phansi kwezinyawo zabo, kumbe noma yini. Yayiphikelele. Yayifuna ukufika lapho. Yayikade iyibonile leyompumputhe iphiliswa, ngobusuku bakuthangi. Yayiphikelele.

188 Ngathi, "Mfowethu Moore, ayingazi ukuthi ngingubani. Ayazi ukuthi ngubani okunguyena yena. Yehlela lapho nje futhi ukhulekele ingane. Lokho kuzokuxazulula. Yona . . . "

Wathi, "Kulungile, Mfowethu Branham."

189 Ngakho uBilly wambamba ngengalo, sengathi bekuyimi, ngakho wehla wanqamula emsamo. Ngaphenduka. Ngathi, "Ngijabula kakhulu ukuba lapha kulobubusuku." Nemihlangano ayixakile kinina bantu lapha ePhoenix. Phambi kwami ngqo ngabona ingane encane engumMexico, ingenamazinyo, ihleka, embonweni ihlezi khona lapha. Ngathi, "Awulinde umzuzu. Awulinde umzuzu, Mfowethu Espinosa. Yana e . . . "

"Kwe—kwenzenjani na?"

190 Ngathi, "Yana kuyimikrofoni." Ngathi, "Itshele ize lapha."

191 Wathi, "Babayi," uBilly wathi, "ungeke uyilethe lapha phezu kwawo onke lawo makhadi omkhuleko."

Ngathi, "Ilethe lapha. Ngibone umbono nje."

192 Ngakho, wayibiza. Futhi babuyela emuva. Nansi iza, nendwangu yokumboza umbhede esandleni sayo, ka*nje*. Nengane encane ilele phakathi lapho, kade ifile kusukela kusesekuseni ngalokho kusa, yayife ngenyumoniya, umfo omncanyane cishe emude ka*ngako*. Futhi nansi iza, izinyembezi zigeleza ezihlathini zayo, amehlo ayo amnyama amancane, izinwele zayo zilenga, inenekazi elibukekayo ngempela elincane.

Yagijimela emsamo futhi yaguqa ngamadolo ayo, futhi iqala ukukhala, "Padre!"

Ngathi, "Sukuma, umzuzu nje."

193 Ngacabanga, "Nkosi, uma ke bekungesikho lokho? Uma ke lokho bekungesikho lokho? Angazi. Ngibone nje ingane encane engumMexico, encane, ingenamazinyo, izinsini zayo ezincane. Yayingihleka, ihlezi khona *lapho*."

194 Futhi yayikhala. Futhi ngabeka isandla sami phezu kukablankethe omanzi, futhi lona-ke lina. Ngathi, "Baba waseZulwini, lona wesifazane omncane, akukho kungabaza emqondweni wami kodwa ukuthi Uyamphendula." Ngathi, "Ngibone umbono, ukuthi Uyawazi ukuthi uyiqiniso, ngengane encane. Ngiyakwemukela kuphela ngokukholwa ukuthi yilengane. Angimazi owesifazane nangane. Kodwa, into ethize, Usebenza macala omabili omugqa." Ngibeka izandla zami phezu kwayo. Futhi ngenkathi ngikwenza, yakhahlela futhi yadazuluka nje kakhulu njengoba yayingadazuluka. Umama wadluthula ublankethe wawususa kuyo, futhi yayilapho, iphila, ezingalweni zakhe.

195 Ngathi, "Mfowethu Espinosa, ungakumaki phansi lokho, kodwa thumela omunye okahle umuntu othembekile." Futhi wayekusho ngesiMexico, ukuthi udokotela umemezele ukuthi ingane yakhe ifile, ngenyumoniya, ngalokho kusa cishe ngelesishiyagalombili noma elesishiyagalolunye nqo. Futhi lapha kwakusemva kweleshumi, ngalokho kuhlwa. Futhi ngathi, "Thumela futhi uthole esibhaliwe, isitatimende esisencwadini kudokotela, esishoyo ukuthi ifile."

196 Futhi udokotela ongumMexico wabhala isitatimende futhi wasisayina, "Ngimemezele ukuthi ingane ifile, akukho kuphefumula noma lutho, eofisi lami kulokhu ukusa ngelesishiyagalolunye nqo."

197 Futhi nakhu, ngeleshumi nqo ngalobo busuku. Futhi ngokusa okulandelayo, ingane yayiseofisi likadokotela ukuba ihlolwe, "Iphile ngokwejwayelekile, futhi." Ngani? Ngoba owesifazane omncane wayephikelele.

198 Ukukholwa akwazi kwehlulwa. Uma kukhona izinkulungwane eziyisihlanu zimi lapho endaweni, akukho lutho okuthatha indawo. Ibandla lakhe lalingamkhipha, omakhelwane bakhe babengamhleka. Kodwa uNkulunkulu owakwazi ukuvula amehlo ayimpumputhe endoda, ngobusuku bakuthangi, wayengavusa ingane yakhe, ngoba UnguNkulunkulu ofanayo izolo, namuhla, naphakade.

199 Futhi uma leliqembu labantu lapha kulobubusuku, abafuna imvuthuluka, uma niyifuna; yena impela uNkulunkulu onilethe lapha, onganiholela endaweni enjenga le, uNkulunkulu onisindisile, uNkulunkulu onganigcwalisa ngoMoya oNgcwele; lowo Nkulunkulu ofanayo ongasula konke okunci kokugula

nokudabuka, noma ngabe kuyini, ezinhliziyweni zenu kulobubusuku, uma nikukholwa lokho. Ukuphikelela, ukuba nesineke, finyelelani futhi nihlwithe leyomvuthuluka encane yokukholwa manje, nithi, "Nkosi, ngiyaKubonga ngakho. Lapha ngiyeza."

Umakhelwane uzothi kusasa, "Awuphilisiwe."

200 Uthi, "O, kodwa mina ngiphilisiwe. Mina ngiphilisiwe. Ngithole imvuthuluka izolo ebusuku ezansi ebandleni iFoursquare. Into ethize imbambelelise okwehange ngaphakathi kimi. Akukho lutho oluzongimisa, nanini. Nginakho."

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzu nje.

201 Nidinga imvuthuluka kulobubusuku? Ningayithatha imvuthuluka futhi niphikelele ngayo?

202 Imvuthuluka encane yokukholwa eza kom—mncane, owesifazane weZizwe ongumGreki, ongakaze asibone isimangaliso empilweni yakhe, umhedeni okhoza izithixo, kodwa wezwa ukuthi kwakusebenzele omunye othize. Wayengakaze akubone, kodwa wakukholwa. Nazozonke izindumalo ayenazo, nokho, phezu kwezisekelo zento ethize enhliziyweni yakhe zimtshela ukuthi umntwana wakhe omncane angaphiliswa, niyazi, ngenkathi efika ekhaya wathola indodakazi yakhe ilele embhedeni. Ilumbo lase lihambile kuyo. Hhayi okwakhe kuphela, kodwa okwendodakazi yakhe eyayingekho.

203 Niyayidinga imvuthuluka kulobubusuku na? Uma niyidinga, ningasiphakamisa isandla senu. Futhi nithi, "Nkosi, imvuthuluka nje yilokho kuphela engikucelayo."

204 O Baba waseZulwini, buka kulabo abeZizwe abafuna imvuthuluka. Izikhathi asikaguquki namanje, Nkosi. Bazwile. Bazwile ukuthi Uphilisa abagulayo. Bazwile ukuthi Ugcwalisa ngoMoya oNgcwele. Unikeza ukuphumula kokhathazekile. O Nkulunkulu, yipha lokho laba lapho kulobubusuku okhala njengalelo nenekazi elincane eliyigugu lezinsuku eziningi ezedlule, "Nkosi, qiniso asikufanele ukwemukela izibusiso njengabantu bakho, uIsrayeli, kodwa kuphela sifuna imvuthuluka ewa etafuleni leNkosi."

205 Futhi kulobubusuku sikhombise ukuDla okukhulu ukuthi Wondle iBandla laKho. Futhi kulobubusuku asinayo imvuthuluka kuphela, kodwa simenyelwe etafuleni. Asidingeki ngempela ukuba sithathe imvuthuluka, kodwa siyajabula ukuba nazo. Kodwa simenyelwe etafuleni, kulobubusuku. "UJesu unetafula laKhe elindlaliwe lapho bonke abangcwele bakaNkulunkulu bondliwa khona. Umema abantu baKhe abakhethiwe ukuba beze futhi badle." Siphe, kulobubusuku, Baba, ukuthi ngamunye onesidingo, lesosidingo kuzohlanganwa naso.

206 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, nezinhliziyo zethu ekuzehliseni phambi kukaNkulunkulu, angazi nje ukuthi bangaki abantu kulendlu, kulobubusuku, ongasindisiwe, ukuthi uma uJesu engafika nezwe lizohlangana nokuphela kwalo kulobubusuku. Futhi niyo . . . Niyavuma ukuthatha imvuthuluka encane yokukholwa ebekiwe enhliziyweni yakho, futhi uza etafuleni kulobubusuku, uveza imvuthuluka yakho encane phambi kukaNkulunkulu, futhi ningathanda ukwenza kanjalo, ningasukuma nje futhi nehlele lapha, futhi asinikhulekele lapha ealtare.

207 Ningeza nje ngale kokulibala na? Yehlelani phansi nje. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Engeza omunye na? INkosi ibe nawe, dadewethu. Woza lapha nje. Angabakhona omunye lapha ofuna imvuthuluka, ongeza ehlele nje etafuleni leNkosi na? Athi, "Nkosi, angifanele ukuza. Ngi—ngi . . . Ngiyinja. Nje ngi . . . Angifanele kungengaphezu kokuba lowo wesifazane wayenjalo, kodwa ngizela nje imvuthuluka?" Ungeza, mngani oyisoni na? Woza. Kungahle kube yisikhathi sakho sokugcina.

208 Niyabona ukuthi izwe libanjani namhlanje na? Abantu abasafuni ukuza nhlobo. Ungeke nhlobo wabavumisa. IVangeli, libukeka sengathi, liya emasimini.

209 UNkulunkulu akubusise, mfowethu omuhle. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuyamangalisa. Yima lapha nje ngqo umzuzwana nje.

210 Omunye akathathe i—indawo yohlangothi lapha, futhi athi, "Ngima nalendoda." INkosi ikubusise, ndodana. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Yehlela ngqo lapha, uthi, "Ngifuna imvuthuluka, Nkosi. Imvuthuluka ilungile kimi. Into ethize ithinte inhliziyo yami. Manje ngiyehla." UNkulunkulu akubusise, ndodana. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Yima khona lapha.

211 Omunye futhi ozwa imvuthuluka encane enhliziyweni yakho, yokukholwa, ezokuyenga ukuba uze etafuleni manje. Ungehla nalezizinsizwa ezine ezimi lapha, zilindile na? Ngishumayele ngowesifazane kulobubusuku, futhi ngamadoda ezayo. Kuthiwani ngakho, dade? Ungeke uze, nawe, uzele imvuthuluka na? Unayo leyonkeshezana yokukholwa ekutshela ukuthi unephutha na?

Uthi, "Awu, angazi ukuthi imvuthuluka iyini, Mfowethu Branham."

212 Imvuthuluka yilokho okusenhliziyweni yakho manje, ekutshela ukuthi unephutha. Ufanele uphenduke. Woza, ungeke na? Sukuma futhi uze kamnandi, ngokushesha, emthonjeni ogcwaliswe ngeGazi. Ungeke unyakaze uphume na? "Nginephutha, mfowethu. Ngikhulekele." Yehla. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise.

213 Omunye futhi? "Ngifuna imvuthuluka nje, Nkosi. Lemvuthuluka encane enhliziyweni yami, ngiyeza manje ukuyiveza." Ungeza na?

214 Manje ngabe ukhona lapha ohlubukile, wahamba wasuka, futhi uthanda ukuza, ungeza manje na?

215 Abanye abangenaMoya oNgcwele, awukawemukeli uMoya oNgcwele na? O, mngani, uma lokhu kuKhanya kwenziwe kwaba yikho kakhulu ngempela kuwe, ngosuku lokugcina, ungeke uze ume nawe na? Lesi kungahle kube yisikhathi ukuthi lesosifiso esikhulu enhliziyweni yakho, into ethize ikutshela, "Ngiyakholwa iNkosi izonginika umbhaphathizo kaMoya kulobubusuku. Ngifuna ukuza, ngime." Wozani nizungeze ialtare. Ningakwenza na? Yimani nathi okomkhuleko, wena ozwa imvuthuluka encane, ukuthi, "Ngidinga uMoya oNgcwele." Uma umuntu engeza evela le eOhio, andize ehlele lapha ngendiza ijeti. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Grant. IPresbyterian ingandiza isuka eOhio, yehlele lapha, ngendiza ijeti ukuba ime ealtare, kanjani ngabantu basePhoenix na?

216 UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Yima lapha nje umzuzwane. Ungeze na?

Elimuncwe emithanjeni kaEmanuweli.

217 Ungeke uze lapho uMthombo uvuliwe kulobubusuku, nje ugcwaliswe ngezinto ezinhle zikaNkulunkulu na? Ngiyamangala, sisazolinda nje umzuzwana, qiniso kunabaningi kunalokho phakathi lapha, ozobe ethanda ukuthatha imvuthuluka. Impela bafanele babekhona. Ningeze na? Nje yenzani njengoba nginicela, kanye. Kuthathe nje ngobuqotho enhliziyweni yakho, uthi, "Ngiyehla. Lesi yisikhathi sami sokuza. Ngiyeza, noma kanjani." UNkulunkulu anibusise, bodadewethu. Lokho kuhle kakhulu. Silindile manje, ngokubekezela, ukuba nize.

218 Asikhothamise amakhanda ethu manje sisalindile, sicule lelihubo lebandla.

Kunomthombo ogcwaliswe ngeGazi,
Omuncwe ku Emanuweli.

219 Ningeze manje na? Ningeke nathatha imvuthuluka yenu futhi nize na?

. . . ngaphansi kwalelothantala

Uma ufuna uMoya oNgcwele, ungeze, ngena manje?

Lisuse lonke ibala lesono sazo,
Lisuse lonke ibala lesono sazo;
Nezoni zibhukude be- . . .

Woza, mngani.

Lisuse lonke . . .
Isela elifayo . . . -joice ukubona

. . .?. . .khona lapha ealtare. Nawe . . .?. . .

Nakuba enyanyeka njengaye,
Ugeza sonke isono sakhe.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Yileyondlela yokukwenza.

220 Angazi noma abefundisi lapha manje bangeza bame lapha nathi. Abefundisi endlini, wozani nime nizungeze lapha nathi, umzuzu manje, abayali o—okhathalele imiphefumulo elahlekile.

Kwangathi mina, nakuba ngenyanyeka njengaye,
Ugeze zonke izono zami zisuke.

221 Angazi uma kunabefundisi lapha, abayalayo eZwini, abangathanda ukuza. Khumbulani, iziphethelo zaPhakade siyanqunywa khona manje. Lapha cishe abayisikhombisa noma isishiyagalombili, abantu abayishumi abami lapha. Futhi niyazi ukuthi lokho kuchazani na? Umphefumulo owodwa ubiza amazwe ayizinkulungwane eziyishumi. Asifanele sithathe lokhu kalula.

222 Manje, wena ogulayo, futhi ufuna umkhuleko wokukholwa ukhulekelwe wona, ungasukuma nje khona lapho okhona, ogulayo nodingayo. Lokho kuhle.

223 Manje, bafowethu abangabefundisi, lokho nje kulungile, bekani izandla zenu phezu kwalabababantu.

224 Manje, nina bantu enigulayo, yimani ngohlobo lokusondelana ngokwenele ndawonye, ukuthi ningabeka izandla zenu phezu komunye nomunye. Manje, iBhayibheli lasho, kini enigulayo, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Ufanele ube yikholwa, kungenjalo ungeke ume. "Uma bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayakusinda." Niyazi lokho kuqinisile. Leyo yimiBhalo engehluleke.

225 Futhi kulaba abazisolayo abeza ealtare, bafowethu nodadewethu oza ealtare kulobubusuku, izidalwa ezifayo esaziyo ukuthi ufanele ubhekane noNkulunkulu ngesinye isikhathi. IBhayibheli lathi izono zabanye abantu zihamba phambi kwabo, ezinye ziyalandela. Uvuma ezakho kulobubusuku, ukuthi izono zakho ziyohamba phambi kwakho, futhi uthethelelwe ngeGazi leNkosi uJesu.

226 Futhi nina lapha enifuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, uNkulunkulu wenza isithembiso ngale eZenzweni 10. Siyafunda, "Kwathi uPetru esakhuluma lawamazwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo abalizwayo." Babelambe kakhulu! Manje, ulambile. Ulethe leyomvuthuluka encane phezulu lapha. Manje asithathe ukudla kwangempela okugcwele kwezibusiso zikaNkulunkulu. Zonke zingezakho.

227 Manje, nina bantu enikholelwa emkhulekweni, asikhothamise nje amakhanda ethu ndawonye futhi sikhuleke

manje futhi sikholwe. Manje, khohlwa nje ukuthi ubani oseduze kwakho. Yazi ukuthi akukho muntu eduze kwakho kuphela uJesu Kristu. Futhi ngamunye khuleka ngendlela owenza ngayo, indlela oyijwayele ukukhuleka. Futhi, bazalwane, bekani izandla zenu phezu kwalababantu, futhi asikholwe manje uMoya oNgcwele uzoza futhi wenze lezizinto esizicelayo.

228 Baba wethu waseZulwini, asizwa ukuthi simele ize lapha. SiyaKubonga ngalemiphefumulo. Siyazi ukuthi Ulapha manje ukubasindisa. Ngiyakhuleka ukuthi Uzokupha, Nkosi. Kwangathi ukukholwa kwabo kungabuka ngale kwethunzi. Kwangathi laba abadinga uMoya oNgcwele, onezandla zamakholwa zibekwe kubo, ogulayo nohluphekile, kwangathi amandla kaNkulunkulu angahamba kulendlu, phansi phezulu kulezizikhala zezihlalo, nakulababantu. Futhi asindise zonke isoni, agcwalise lonke ikholwa ngoMoya oNgcwele, futhi aphilise wonke umuntu ogulayo. Siphe lezizinto, Nkosi. Ngiyakholwa ukuthi Ulapha, futhi Unguwena izolo, namuhla, naphakade. Izithembiso zakho zingehluleke.

229 Siyakholwa ukuthi Wathuma iBandla laKho, futhi benyukela emzini waseJerusalema. Baya ekamelweni eliphezulu, futhi babelapho, ngokuqhubekayo, bedumisa futhi bebusisa uNkulunkulu. "Ngokungazelele kwavela eZulwini inhlokomo kungathi eyokuvunguza koMoya onamandla, futhi Wagcwalisa yonke indlu ababebuthene kuyo." Wena uyafana, futhi Uyakwazi ukwenza okufanayo. Makuthi amandla, ehla ngosuku lwePhentekoste, abhaphathize leliqembu labantu kulobubusuku, emandleni okuvuka kukaJesu Kristu. Lomkhuleko ngiyawunikela eGameni likaJesu, owalababantu, owenkazimulo kaNkulunkulu.

230 Phakamisani izandla zenu manje. Umkhuleko wokukholwa usukhulekiwe, umkhuleko wokukholwa wokuthethelelwa. Phakamisani izandla zenu futhi nithi, "Ayidunyiswe iNkosi." Qalani nje ukuMdumisa futhi niMbusisa ngakho. Vumani nje izono zenu. Con-. . .Kholwani ngayo yonke inhliziyo yenu. Phakamiselani izandla zenu kuNkulunkulu, futhi nithi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu." Ngiyakholwa, lomzuzu, Unginika uMoya weNkosi, Ungibhaphathiza ngoMoya oNgcwele futhi ungipha izibusiso.

Kulungile, dade, woza. . .?. . .

